

IBHANELA

¶ Ngiyabonga, Mfowethu Outlaw. Ngibonga kakhulu.

Sawubona kusihlwa, mngane. Lokho yi... Ngiyakujabulela ngempela lokho kwethulwa okukahle ngoMfowethu u-Outlaw, futhi kuzwakala ngokuhlanganyela phakathi kwethu. Futhi ngiyajabula ukuba lapha kulelitabernakele kulobubusuku, emuva lapha ePhoenix, futhi ngilalele lawa maculo amangalisayo kanye nale kwaya encane ethandekayo. Bengibabuka nje yonke indawo. Ngigxeka kakhulu ngendlela abantu abenza ngayo nabagqoka ngayo kulezi zinsuku zokugcina, Ngithi kufanele ngincome lesi sigejane sabesifazane abanobuso obuhlanzekile obuncane phezulu lapha. Futhi kubukeka kukuhle ngempela kimi. Futhi ngibonga ngempela ngabo. UNkulunkulu ababusise.

² Futhi kuMfowethu Outlaw nendodana yakhe, ngyiakhumbula ngenkathi ngilapha, umfana wayengumfo omncanyana nje. Futhi manje nangu, ngyiacabanga, ushadile futhi mhlawumbe unomndeni. Futhi kukhombisa nje ukuthi akuthathi isikhathi eside ukuthi kudlule, kuyasithatha na? Ngokuqinisekile siyashushumba siqhubeleza ezansi endleleni. Kodwa kunento eyodwa ekhazimulayo esiyibheke ngabomvu, usuku esiyobona ngalo iNkosi yethu uJesu, khona-ke siyobe sesiguqlwa sonke ngaleyonkathi.

³ Bathe uDadewethu Waldrop ubelapha kulobubusuku, inenekazi elaphulukiswa linomdlavuza. Ngabiza igama lakhe ngobunye ubusuku. Ukuphi yena na? Ngabe yena ulapha esakhiweni manje, manje na? Yebo, uDadewethu Waldrop, ya, noMfowethu Waldrop futhi. Siyajabula ngempela ukuba nani enkonzweni kulobubusuku. Ngikholwa ukuthi ngibona uMfowethu noDadewethu Evans baseMacon, eGeorgia, ngapha esandleni sokunxele, yonke indlela le ukusuka eMacon lapha.

⁴ Futhi—futhi lomfowethu omncane ongumGreki ohlezi lapha ngaphambili, angicabangi. Usuka le eGreece, ngakho-ke nginglangane naye esikhathini esingeside esidlule. Futhi u-Eddie, ngyiakholwa, akunjalo na? Noma, ngabe ngi...[Umfowethu uthi, “UDave”—Umhl.] UDave, David. Ngiyalithakasela leloBhayibheli, kanjalonjalo, ongithumelele lona maduzane nje, leyoncwadi. Futhi ngiyakubonga kakhulu, mfowethu.

⁵ Nabaningi babangane bethu...Kukhona elinye iqembu elivelu eGeorgia, UMfowethu S. T., ngyiyambiza, ngyiakholwa, noma T. S., *ngapha*.

⁶ Futhi ngajabula ukubona umfana kaMfowethu Williams. Kukangaki engicela ukuba ngimkhulekele, futhi ngimuzwe esukuma lapha efakaza kanjalo kulobubusuku,

kwayixhuxhumisa ngempela inhliziyo yami, futhi—futhi, ngalokho.

⁷ Ngingena, ngihlangane noMfowethu Mc Anally phandle lapho, umngane wami omdala. Ngimbona eduze impela ngaso sonke isikhathi ngehla.

Baningi kakhulu nje abangani bethu lapha.

⁸ Ukuzwa ubufakazi obuvela ekuphulukiseni, kungiletha ekucabangeni ngalokhu. Emizuzwaneni embalwa edlule ngenze ukushaya ucingo ibanga elide kuMfowethu Tommy Hicks, oseWashington, noma e-Oregon, njalo. Ubengifuna ngifike ngithathe indawo yakhe kuleli viki. Umfowabo, nosbari, nomndeni wonke, babulawe khona lapho kulentambama, ezansi eMexico. Futhi uzofanele ehle ayokhomba umfowabo futhi enze wonke amalungiselelo nokunye nokunye. Futhi impela nginomzwelo ngoMfowethu Hicks. Kudingeke ngenze into efanayo, emavikini ambalwa edlule, ngenzela umama wami. Futhi ngiyazi nje ukuthi uzizwa kanjani. Futhi ngakho-ke, ngiyakholwa, ngalesi sikhathi, njengoba sonke sihlangene ndawonye njengomzimba owodwa omkhulu wabantu abangamaKristu, Ngikhola ukuthi bekungaba kuhle ngempela uma nje besingakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana futhi sinikele umkhuleko ngenduduza kaMfowethu Hicks kulelihora.

⁹ Baba wethu waseZulwini, siletha phambi kwaKho manje, njengeqembu, iqembu labantu abayizihambi nabafokazi, abagongobali, besho ukuthi leli akulona ikhaya lethu, siyizakhamuzi zomunye uMbuso omkhulu oyakuza, ukuthi uJesu wasifundisa ukuba sikhulekele, "Umbuso waKho mawufike. Mayenziwe intando yaKho." Baba, kulobubusuku, omunye wabafowethu, uMfowethu Tommy Hicks, inceku yaKho, usizi luntanta ngaphezu kwezintambo ezindlebeni zakhe. Umfowabo oligugu, ekholwa ukuthi wayengumfana ongasindisiwe, nomkakhe, nabancane, bonke basanda kubhujiswa namuhlila ngengozi yemoto. Nomfowethu usemoyeni manje, endizela ukuhlangabeza umzimba womfowabo oligugu. Ngikhulekela uMfowethu Hicks, Nkosi. Ngikhulekela ukuthi uMoya waKho ube phezu kwakhe futhi umsize. Umduduze. Futhi sengathi isandla esikhulu sikaNkulunkulu ophilayo singafinyelela phansi futhi simnike umusa osekelekile kulelihora. Ngizwa umuzwa obukhali mina uqobo, Nkosi, wamaviki ambalwa nje edlule, into efanayo eyenzekayo, futhi ngiyamdapukela. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzomduduza ngayo yonke indlela Ongayenza, Baba. Sikucela lokhu eGameni likaJesu. Amen.

¹⁰ Kuningi nje okumele kushiwo, isikhathi esincane kakhulu sokukusho. Siyaxolisa kabi kabi kulobubusuku, ukuthi abantu bami ngaphakathi, ngaphandle, nangokuzungeza izindonga zesonto.

¹¹ Manje, kuleliviki elizayo, uLwesine oluzayo kuqala ingqunguthela phezulu lapha eRamada. Ngikholwa ukuthi ngikuphimisele kahle lokho. Phezulu ngakwesokunene kuWest...noma ku-East VanBuren Street. Futhi iRamada, iwuhlobo lwehholo elikhulu lapho elinendawo yokuhlala eyanele ukuhlala abantu abangamakhulu angamashumi amabili nanhlanu. Futhi kuthathwe njengenhlanhla enkulu kimi ukumenywa lapha yiFull Gospel Business Men's Fellowship, engikhulume ngakho, ngaphezu kwezindawo eziningi zomhlaba, ngabo. Futhi bangimemele lapha kulengqungquthela, uMfowethu Williams, nomongameli lapha walomkhandlu, namadoda amaningi akahle.

¹² Futhi silindele isikhathi esikhulu phezulu lapho, futhi kuzoba nezikhulumi ezikahle ezithile, njengoba ngiqonda, ukuba zibe lapho. Ngiyaqonda ukuthi kuzoba yinhlanhla yami enkulu ukukhuluma esidlweni sasekuseni sangoMgqibelo ekuseni. Futhi uma lokho kunjalo, ngifuna ukukhuluma ngendaba: *Umuntu Omubi Kunabo Bonke Engake Ngamthola*. Ngakho-ke...

¹³ Bese-ke ngeSonto ntambama ngizokhuluma futhi, ukwethula inkulumo ebandleni lamakholwa lapho ngeSonto ntambama. Iviki lonke nginesonto nesonto, isonto nesonto, ngezinye izikhathi amabili ngosuku, nakanjalo, ukuvakashela abazalwane bami. Futhi ngempela ngikubona kuyinhlanhla, bangane, ukuthola ukuhlangana nezinhlangano ezechlukene.

¹⁴ Futhi lapha, kudala, lokhu bekungeke kwenzeke, ukuhlanganisa abantu bezigaba nezinhlangano ezahlukene. Kodwa uNkulunkulu umangalisa kakhulu. Unjalo. Uvele wakusebenza ukuze bonke manje sebeqala ukuhlanganyela omunye nomunye, futhi bekhohlwa ukuhluka kwabo okuncane, futhi becindezela bebheke emgomweni woBizo lwaphezulu. Lokho kukahle impela. Ngibonga kakhulu kuNkulunkulu, ukubona lokho. Futhi manje sengathi kungaqhubeke nje kukhule, ngumkhuleko wami.

¹⁵ UMfowethu Outlaw, njengoba esanda kusho, waba ngowokuqala ukungimemela ePhoenix. Ngiza lapha eminyakeni eminingi edlule noMfowethu Kidson, futhi saba nomhlangano omkhulu. Lowo mhlangano wawulusuku olungenakukhohlwakala empilweni yami. Babengenazo iziqophamazwi ngaleso sikhathi. Babenombhali omncane womsindo futhi baqophpha. Futhi ngisenawo amarekhodi ayevela ebandleni likaMfowethu Outlaw, nasebandleni likaMfowethu Garcia laphaya, ikhwaya encane yabaseSpain eyayicula ngeSpanishi, njengoba kwenza laba nge—ngesiNgisi.

¹⁶ Futhi njalo ngankathi siba nesizungu ekhaya, futhi ngiba nomuzwa wokundwaza, ukubona abahlubo, niyabo, abahlubo phandle ePhoenix. Ngifaka lelo rekhodi futhi ngilidiale, niyazi.

Futhi nina... Selithi aliguge. Kepha ngikwazi kahle kakhulu, ngize ngazi ngaso sonke isikhathi esincane ukuthi izogxuma bese yeqa umugqa, nokunye nokunye, ngakho-ke ngivele ngihlale nakho ngqo.

¹⁷ Ngibe nesehlakalo esidabukisa kakhulu empilweni yami muva nje, sokulahlekelwa umama wami, obengowesifazane ongumKristu onomoya omuhle kakhulu. Kodwa ukuhamba kwakhe—kwakhe kusheshile. Anginaso isikhathi sokukusho kulobibusuku. Ngiyafuna, komunye wemihlangano, okunye kokudla kwasekuseni okuncane ndawondawo, nokuthi iNkosi yangisusa kanjani, ukuze lokhu kwenzeke. Yanginika umbono lapho okufanele ngiye khona nokuthi kuzokwenzekani. Besike, endleleni ebuyayo... Nobumnandi bokubuka umama efika ekugcineni kwendlela, futhi ngimbamba ezingalweni zami, noma ngengalo, futhi nginikela umphefumulo wakhe kuNkulunkulu, futhi ngibona lowo othandekayo, omdala, owesifazane ongcwele lapho ephuma, lapho engasakwazi ukukhuluma.

¹⁸ Futhi ngathi, "Mama, ngabe uJesu usasho ubumnandi kuwena njengoba kwenza mhla wemukela uMoya oNgcwele na? Awukwazi ukukhuluma, ngiyazi. Kodwa uma kuyiqiniso, vele ucwayizise amehlo akho ngokushesha ngempela." Futhi wayecwayizisa amehlo akhe nezinyembezi zazehla nje ezihlathini zakhe. Futhi wahamba ukuyohlangabeza iNkosi. Ngalobibusuku Weza kimi ngombono futhi wangikhombisa yena, indlela ayeyiyo ngaleyonkathi. Angikwazi nje ukuyeka ukumema abantu ukuthi bacindezele baqhubekele kuLokho. Niyabo? Ukubeka... Ungalokothi uphuthwe yilokho, mngane.

¹⁹ Futhi manje, izikhathi eziningi, indlela esima ngayo, asisusi mutu ekuhlanganyeleni ngoba indlela abakholwa ngayo, kodwa ngokuba ngowepentekoste, nokuba nesehlakalo sepentekoste, ngikubonile kungena emndenini wami, labo ezansi ngqo bafike ekupheleni kwendlela, futhi ngibabheke kuze kuphume umphefumulo wabo. Ngiyakutshela, ngijabula kakhulu ngokuthi ngithole leso sehlakalo. Ngi...sokuba yisehlakalo sepentekoste kimi. Futhi ngifuna nje wonke umuntu abe nakho. Kungakuphuthi. Noma yini oyenzayo, ungaphuthelwa yisehlakalo.

²⁰ Ngokuvamile emihlanganweni yami, yonke indawo engiya kuyo, kuhlale kumayelana nokukhulekela abagulayo. Angazi. Ku—kube yimpumelelo kakhulu. INkosi ibusisile, iphendula imikhuleko yami izikhathi eziningi. Futhi ngiyamangala, ngaphambi nje kokuba ngikhulume nani, ngabe ubekhona yini ozayo kulobibusuku ukuba akhulekelwe, okuthize, ukuze ngikwazi ukushintsha indikimba yami kancanyana. Ubuzokhulekelwa, bengizokhuluma ngokuthile ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Uma kungenjalo, bengizokhuluma ngokunye. Ngabe ukhona lapha ozokhulekelwa, ongathanda

ukukhulekelwa na? Phakamisa isandla sakho, ukuze ngithole nje konke. Mm. He! Awu, ngibambene cishe isigamu sehora, esikhashaneni esedlule.

²¹ Ake nisho, kambe, ngabe uBilly Paul ukhona, indodana yami na? Billy Paul, ingabe ukhona na? Unamakhadi omkhuleko lapho na? Hamba uyolanda amanye, ngenkathi ngisakhulumka kancanyana, akhiphe. Niyabo?

²² Uma ungenawo, ngezinye izikhathi balokhu bebuya futhi bebuya, futhi emuva naphambili, emgqeni kanjalo. Awusoze wafinyelela ekupheleni kwakho. Ya. Ngakho-ke wena... Futhi ngakho-ke, uma nizoba nalabo abaningi, sifuna bonke, kodwa hhayi kibili, niyabo. Asikwazi. Isizathu, abantu abaningi lapha bavela ezindleleni ezikude. Futhi ngizokhulumka buthule imizuzwana embalwa nje kokuthile okuzozama ukusiza, nokuletha ukukholwa kuleyondawana lapho esingakhulekela khona abagulayo.

²³ Ninomelusi omangalisayo, nosizana nomelusi lapha, ibhodi elimangalisayo, ibandla elimangalisayo, abantu abamangalisayo.

²⁴ Futhi ngoluny'usuku ngangikhulumka komunye wemihlangano phandle lapha ePhoenix, emhlanganwemi wokuqala. Ngangithi, njengonkosikazi nami sasehla ngesitaladi, ngani, ukuthi lessigodi sifanele ukuthi sasibukeka kanjani eminyakeni engamakhulu ambalwa edlule, nokuthi sibukeka kanjani namhlanje.

²⁵ Futhi namuhla sithathe uhumbo futhi senyukela eSouth Mountain, futhi phezulu le phezu kwedolobha lapho, ngaphandle emkhathini wedolobha. Sasihlezi lapho ndawonye sikhulumka ngeNkosi, nokuthi Yayibe yinhle kanjani kithi. Futhi nje... UMoya oNgcwele wavele wangena emotweni kamnandi. Futhi nje...

²⁶ Futhi ngabuka ezansi esigodini lapho uJoseph omncane nami sehla khona, esikhathini esingeside esedlule, ngenkathi ngangilapha. Futhi naye mina sahlale phansi lapho, futhi sabambana ngezandla, futhi sakhuleka, umfana wami omncane. Futhi ngacela uNkulunkulu, ngenkathi nighamba, angivumele ngikwazi ukubeka iBhayibheli lami ezandleni zakhe, futhi amvumele ahlale nalo, neZwi nje, futhi kuzoba umnikelo kuYe esindisa impilo yami futhi engisiza.

²⁷ Manje, niyazi, uma ubaleka! Siyazi, wonke amadolobha. Ngicabanga ukuthi iPhoenix i-idolobha elimangalisayo.

²⁸ Kodwa ngathi kumkami, "Cabanga nje, phansi lapho manje, kulomzuzwana nje, lesosigodi esincane, iSigodi iMaricopa lapha, njengoba singabuka kuso, i Salt River, ukudabula lapha, bangaki abantu ngalomzuzu, kulesosigodi esisodwa esincane, abaphatha ngeze iGama leNkosi! Zingaki izono, ukuphingga, nokunye nokunye, okwenziwe ngehora lokugcina, kulelidolobha,

leliqembu elincane labantu!” Ngathi, “Bangaki abantu ocabanga ukuthi bonile emizuzwini eyishumi nanhlanu edlule, selokho besihleli lapha kulelidolobha na?” Cabanga ngakho, kulobubusuku. Ngathi, “Kuyamangaza ukuthi uNkulunkulu akayihlanzi yonke into, kanjalo.” Impela kuyiqiniso.

²⁹ Kodwa uyakhumbula njengoba kwakunjalo eSodoma na? Kwakukhona othile ezansi lapho okwakufanele akhishwe. Futhi ngathi, “S’thandwa, ngaphandle kwakho konke lokho, khumbula, ukuthi kulesisigodi selokhu sihlezi phezulu lapha, kube nomkhuleko emva komkhuleko osuka enhliziyweni eqotho. Niyabo?” Futhi ngathi, “Yingalesosizathu silapha ePhoenix namuhla, futhi kulemihlangano nxazonke, inhlhanganyelo nabazalwane bethu, wukuzifaka thina uqobo phakathi kanye nabo, ukusiza ukususa lomthwalo omkhulu, ukuzama ukwenza abanye babone.”

³⁰ “Manje, ngolunye usuku ngikholwa ukuthi sonke isigodi siyoshanelwa. Umhlabu wonke uyoshanelwa, futhi kuyofika iminyaka eyiNkulungwane enkulu.” Futhi ngathi, “Khona-ke amaqhawe empi namaqhawe okukholwa khona-ke ayohamba ehle adabule emasimini kaNkulunkulu, angaphinde aguge futhi, angaphinde agule futhi, ngenkathi amahubo egcwele umoya, iziNgelosi zibheka phansi.”

³¹ Ngicabanga ngesosha lifika ekhaya lapho selihlonishwa, niyazi, phesheya kwezilwandle noma okuthize, nokuthi kubonakala sengathi kunokuhlonishwa okunjani abantu abalinika khona. Kodwa kuyini na? Ukuhlonishwa okumbalwa nje esitaladini, nokushawa kwamacilongo ambalwa, noma ukukhala kwezinsimbi, bese ubuyela ngqo ekukhandlekeni okudala.

³² Kodwa ngalendlela kuzoba yiPhakade elingapheli, kanjani ukuthi a—amahubo eziNgelosi eziculayo, njengoba lawa maqhawe namakhosikazi awo nemindeni yawo bedabula emapharadesi kaNkulunkulu. Manje, lelo akulona iphupho eliyinekwane elifana noSanta Clauses bakaKhisimus. Lelo yiqliiso, bangane. Futhi—futhi sikubheke ngabomvu lokho. Ngibheke, ngenhlizyo yami yonke, kulesosikhathi lapha uKristu eyofika futhi siyoba sekufaneni naYe ngalesosikhathi, futhi akusayikuba khona ukuguga.

Uthini na? Woza lapha, Paul, uma ufisa.

³³ Nawe ofuna ikhadi lomkhuleko, njengoba ehla, ukukunikeza nje ikhadi lomkhuleko, phakamisa izandla zakho nje.

³⁴ Futhi angazi noma bekuyoba ukucela kakhudlwana, uma besingathola lomshayi wopiyano nalelikhwaya lapha ukuba bacule na?

³⁵ Awu, asibe nezethameli, sifake wonke umuntu kukho, uma zithanda, zicule elithi *Ngisondela KuWe. Ngisondela KuWe.*

Niyalazi iculo na? Niyalazi na? Wonke umuntu uyalazi na?
Ngisondele KuWe? Kulungile.

³⁶ Iculo elithile, ake sivumele ikhwaya icule elilodwa khonake. Lokho, ngicabanga ukuthi lokho bekungaba ngcono, sivumele nje ikhwaya ilicule. Lokho kuzonivumela nonke nibe nentshisekelo yokunikezela, nithole amakhadi enu omkhuleko.

³⁷ Mfowethu Outlaw, ungeza lapha futhi, uma uthanda, uma kungesikho ukucela okuningi kuwe, mfowethu na? Futhi sizoba nelinye ikerasi, noma yini enye, elivelu kubantu. Bese-ke sizohamba siqonde ngqo, masinya ngesingakwazi, okoMlayezo omfushane, futhi sikhulekele abagulayo. INKosi inibusise. Khulekela ikhwaya encane manje, njengoba li...bonke ababathakaselayo. Nina bantu bepentecostal enithakasela esihle, esincane, isigejane esibukeka sihlanzekile samantombazane nabafana kanjalo, phakamisani izandla zenu nje. Niyabo? Impela siyathakasela. Kukhona into eyodwa evelele, izinto eziningi ezivelele, mayelana nalelibandla lapha, futhi, okunye kwakho, bangabaculi impela.

³⁸ [UMfowethu Billy Paul Branham udlulisa amakhadi omkhuleko, cishe imizuzu eysisikhombisa, ngenkathi ikhwaya icula *Ujesu Ungumngane Wami*, noma, *Ujesu Uzongidlulisa*. Umqondisi wekhwaya khona-ke uthi, “UBilly uthe nicule elithi ‘Ukuhamba....?’ Kodwa sifuna ukucula iculo esalicula ngobunye ubusuku. Asikwazanga ukubonakala siqhubeke, into efanayo ngoLwesibili ebusuku, saze sacula leli culo, ngakho-ke sizolizama manje. *Ngangikhona Lapho Umoya Ufika*. Bangaki abanoMoya na?” Ibandla lithi, “Amen.” Umqondisi wekhwaya uthi, “Bangaki abanoMoya oNgcwele na?” Ibandla lithi, “Amen.” Umqondisi wekhwaya uthi, “Ngakho-ke, *Ngangikhona Lapho Umoya Ufika*.” Ikhwaya manje icula *Ngangikhona Lapho Umoya Ufika*—Umhl.]

³⁹ Bonga iNkosi ngalokho. Amen. Yeka indlela esibonga ngayo ngokuphakanyiswa okuhle okunjalo okungokomoya! *Ngangikhona Lapho Umoya Ufika*.

⁴⁰ Manje, siyabonga ngalezizinkonzo, futhi ngithi, futhi siyakhuleka manje ukuthi uNkulunkulu uzophulukisa abagulayo, asindise abalahlekile.

⁴¹ Manje, ngikhulekeleni. Manje, lapho ungena, okuthi akube okungalindelekile nje, futhi akukho malungiselelo esiwaziyo; sivele singene bese siphuma, futhi kanjalo, asikwazi ukuzwa sengathi asiyenzeli okukwedlula konke iNkosi, kodwa sizama ukuYenzela okwedlula konke esingakwenza.

Ngakho-ke asikhothamise amakhanda ethu kanye futhi manje ngomkhuleko.

⁴² Baba wethu waseZulwini, kukulobubusuku, ngezinhliziyo ezibongayo, ukuthi sibhekane nesihlalo saKho sobukhos, singazi nje ukuthi iyini intando yaKho, nokuthi esifanele

sikwenze. Kodwa Wena uzosihola. Wethembisa ukukwenza, ngakho-ke siyakukholwa. Sikhulekela ukuthi Uzokhuluma kwabalahlekile kulobubusuku, futhi uzophulukisa abagulayo. Zitholele udumo kuWe uqobo.

⁴³ Busisa lelibandla, siyacela futhi, Nkosi. Busisa lonke ibandla elikuleli dolobha nakulesi sigodi, ukuthi kuyofika isikhathi lapho kuyoba khona ukuthululwa kukaMoya okukhulu phezu kwabo bonke lababantu, ukuthi abantu abavela kulo lonke izwe bayothutheleka phakathi ukuze bezwe iZwi leNkosi.

⁴⁴ Manje, siyaqonda, Nkosi, isizathu sokuthi singathokoza futhi sicle amaculo kungukuthi, kuqala, ngoba size kuKristu, sikholwa ukuthi Wayekhona. “Ngokuba ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi.” Futhi njengoba sikujabulele ukucula amaculo okomoya, nokubona uMoya uhamba ezethamelini, manje sengathi Ungahlinzeka ngeZwi elizomisa izinhlizyo zabantu okwenkonzo eghubekayo, ukuphulukiswa kwabagulayo, nokuphulukiswa komphefumulo wothile oye walimala, noma unembeza omncane othambile uchotshoziwe, njengomhlanga ochofoziwe. Siyahuleka ukuthi Uzoyiqinisa kulobubusuku, Nkosi, futhi uyinike okokwebalisamu laKho eliphilisayo elizonikeza ikhambi labo bonke, ukuthi lo okungenzeka ukuthi uphambukisiwe eNdleleni uzobuyiselwa eNdleleni kulobubusuku.

⁴⁵ Sizokhulekela futhi, Nkosi, labo abasezibhedlela, abagulayo kakhulu abangakwazi ngisho nokufika ezinkonzweni. Siyabakhulekela, sazi ukuthi bebengakuthanda ukuba lapha, kodwa isitha sibabophe ngendlela yokuthi bangekwazi ukuza. Nkulunkulu, yipha ukuthi ukukhululwa kwabo kufike masinyane. Siyaholwa ukuthi kulotshiwe eZwini, ukuthi, “Abantu ababizwa ngeGama laMi bayobuthana ndawonye futhi bakhuleke, khona-ke Ngiyozwa ngiseZulwini.” Kungakho sithatha lelithuba ukukhuleka ngenkathi wonke amabandla ehangene, ukuze Uzwe usezulwini futhi upholukise izwe lethu. Sikucela lokhu manje ngenxa yenkarimulo kaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

⁴⁶ Manje, ngizwela labo abamile, nemilenze iyakhathala, ngizoshesha nje ngokukhulu ukushesha engingakwenza. Ngingathanda ukubuya ngesinye isikhathi ePhoenix, nalapho esingabuthela khona wonke umuntu ndawonye, futhi sibe nenhle, ende, inkonzo yokuphulukisa ePhoenix, lapho iNkosi ibusisa khona abanye bethu. Abanye bethu bangabashumayeli, njengoMfowethu Outlaw. Futhi abanangi babanye abazalwane lapha bangabashumayeli. Angiyena umshumayeli kakhulu. Ngi-ngikhulekela abagulayo nje. Futhi nokho akukhombantu owake washumayela iVangeli ngaphandle kwalowo othanda ukuzwakalisa imizwa yakhe kubantu. Kukhona okuthile nje ngakho, uyathanda ukukwenza. Futhi ngijabule kakhulu ukuthi ufikile u—ukuzwa ukuzwalalisa okuncane

enginakho ngaYe, futhi ngethemba ukuthi Uzokwenza okuthize kulobubusuku ukufakazisa kini ukuthi ngi—nginitshela iQiniso futhi ngiyanithanda.

⁴⁷ Ngifuna ukuthatha indikimba encane lapha imizuzwana embalwa, uma iNkosi ithanda, kuJohane oNgcwele, isahluko se 12 nevesi la 32.

*Nami, uma ngiphakanyiswa emhlabeni,
ngiyakubadonsela kimi bonke.*

⁴⁸ Futhi okwendikimba encane, ukwakha phezu kwalokho, ngingathanda ukuthatha indikimba yokuthi: *IBhanelu*.

⁴⁹ Leyo yinto eyinqaba kakhulu, engavamile, ukufunda indikimba efana naleyo, noma ukufunda umBhalo, bese-ke ngithatha indikimba eyinqaba. Kodwa ngithole eminyakeni yenkonzo, ukuthi ngezinye izikhathi uNkulunkulu ufika ngendlela eyinqaba, izikhathi eziyinqaba, izikhathi lapho ungacabangi, ukhulumu ngezindikimba ebasingeke sicabange ukuthi Ubengakhulumu ngayo, asebenzise othile ebasingacobanga ukuthi akabalulekile. Kodwa uNkulunkulu usebenza ngezindlela ezingaqondakaliyo, ukwenza izimanga zaKhe.

⁵⁰ Futhi ibhanelu, yebo, sonke siyazi ukuthi liyini ibhanelu. Yinto esesikhumbuzweni, yayiphakamisa into ethize, kubantu, ukuba babuke kuyo. Yinto ebekwe phambi kwakho. Futhi uNkulunkulu wethembisa, ku-Isaya, isahluko se 5 nevesi lama 26, ukuthi, “Kwakuyoba khona ibhanelu eliphakanyiselwe phezulu. Kwakuyoba khona ibhanelu eliphakanyiselwe phezulu.”

⁵¹ Umuntu phansi kudabule eminyakeni uthambekele, kungaphakathi kuye, ukuzama ukuzisiza. Manje, leyo yimvelo yomuntu nje.

⁵² Manje, esizama ukukwenza ukubeka isisekelo lapha sento ethile esiyicela iNkosi ukuba iyenze: ukuphulukisa abagulayo, nokuniikeza ukuzethemba. Futhi angeke nje uhambe uphume futhi ube nokholo lwanoma yini ongazi lutho ngayo. Okokuqala ufanele ube nokuthile ukholo olunglelala kukho.

⁵³ Lapho ushada nomkakho, kwakufanele ube nokukholwa kuye. Wayefanele abe nokukholwa kuwe, ngaphambi kokuba wakhe ikhaya. Futhi ungeke nje uthathe into ethize emahlaphahlapha futhi ube nokukholwa kuyo, ngoba akufakazelwanga.

⁵⁴ Ngakho-ke into efakazelwe kakhulu ebasingaselwa phezu kwayo, okokukholwa, bekungaba yiZwi likaNkulunkulu. “Ngokuba ukukholwa kuvela ngokuzwa, nokuzwa iZwi likaNkulunkulu,” ngoba yiZwi likaNkulunkulu.

⁵⁵ Futhi umuntu manje, njengoba enziwe, ngisho nasesimweni sakhe sokuwa, nokho usemfanekisweni woMenzi wakhe,

uNkulunkulu. Futhi ngomqondo owodwa wezwi, uyindodana kaNkulunkulu, ewile emseni. Uwile waqhela kulokho uNkulunkulu amenze waba yikho. Futhi esimweni sakhe esiwile, kumnika izingxenye ezingahlukaniseki zokuzama ukwenza okuthize ukuzibuyisela endaweni lapho okuthize ngaphakathi kuye kumtshela ukuthi uvela khona. Ngoba, uyazi ukuthi akakabi sesimweni esifanele, ngoba ubona ukufa, ukugula, nosizi, nobuhlungu benhliziy, nokudumazeka. Uyazi ukuthi akadalelwenga lokho. Nokho, kungakhathaleki ukuthi ukude kangakanani noNkulunkulu, kukhona okungaphakathi kuye okumtshela lokho, okunye okungaphakathi kokuthile.

Manje, umuntu wenziwa njengomuntu okathathu: umphefumulo, umzimba, umoya.

⁵⁶ Manje, ingaphandle lingumzimba. Kunamasango amahlanu kulowomzimba, futhi leyo yimizwa emihlanu, kusobala: ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, nokuzuwa.

⁵⁷ Ingaphakathi, njengembewu etshaliwe, ingaphakathi larokho okufana nokumboze imbewu kwembewu, okungumphefumulo. Kunamasango amahlanu kulokho, ongena kuwo: unembeza, nenkumbulo, nokunye nokunye.

⁵⁸ Kodwa-ke ngaphakathi kwalelogumbana elincane kunegumbana lesithathu, okungumoya. Futhi yilokho okulawula konke okunye. Munye kuphela umgudu odlula kulokho, futhi lokho ukuzithandela kwakho. Ungavuma noma wenqabe, futhi lowo ukuphela komgudu kulokho. Uma wamukela intando kaNkulunkulu ngalowo moya, UMoya kaNkulunkulu uthatha indawo yaKhe enhliziyweni yakho futhi ukulawule wena wonke. Futhi uma ungakwamukeli Lokho, khona-ke isitha sithatha leyondawana futhi sikulawule wonke. Ngakho-ke kulele kulokho.

⁵⁹ Futhi umuntu, enziwe ngaleylo ndlela, khona kumnika i—into ethize engaphakathi kuye eyenza afune ukuzuza okuthile ngokwakhe. Uzama ukwenza okuthile ukuze azisindise. Ufuna ukuphuma kukho, kodwa ufuna ukuzenzela yena uqobo. Ufuna ukwenza indlela engeyakhe ngakho.

⁶⁰ Manje, usezame ukuzuza ngempumelelo okuningi. Uzamile ukuzuza ngempumelelo lokhu ngesayensi. Futhi ngaso sonke isikhathi lapho ehamba ngesayense, uzibhubhisa yena kuphela uqobo. Ngaso sonke isikhathi lapho isayensi yenzo okuthile, uyazibhubhisa yena uqobo; impuqumpuqu yesibhamu, namandla e-athomu, ne-nezikhalu zenuzi, nezimoto, nazozonke lezizinto. Nokho, kuyamsiza okwesikhashana, kodwa ngokuhamba kwesikhathi uyazibhubhisa. Ngoba yena... Yinto ethile ayizuzile ngempumelelo ngenkathi esendaweni yokusebenzela kaNkulunkulu, ezama ukwenza okuthize, aphendukezele lokho uNkulunkulu akwenzileyo, futhi akufake emibonweni yakhe siqu, futhi akwakhe.

⁶¹ Manje, njengoba ngishilo ngalelidolobha, njengalelidolobha elikhulu elihle lapha. Ukube lomuzi ubulungile...Bekungaba kuhle kunalokho okwakuyikho endaweni yokuqala uma, behla benyuka izitaladi abantu bakaNkulunkulu, benezandla zabo emoyeni, bedumisa uNkulunkulu ngekhaya labo nakho konke. Ibingeke iPhoenix ibe yindawana yensimu yomhlaba na? Kodwa, esikhundleni salokho, njengawo wonke amanye amadolobha, ukuqamba amanga, ukweba, ukukhohlisa, ukugembula, ukubhema, ukuphuza, ukuxokozela, ukuphinga. Futhi kuba yiphunga elibi phambi kukaNkulunkulu. Niyabo?

⁶² Ngakho-ke, niyabo, lokho umuntu azama ukukuzuza ngempumelelo, uvele enze ingxovangxova ngakho. Akakwazi ukuzisindisa. Futhi uzama ngemfundo, uthathe leyondlela, ukubona ukuthi ubengeke yini afundise abantu olwazini olusindisayo lukaKristu, noma ukuzigcinela ulwazi, noma ukwenza okuthile ngemfundo yakhe.

⁶³ Bengifunda ngolunye usuku kwi—kwiphephabhuku *iLife*. Lapho, ababenakho...Ngikholelwa ukuthi abanangi benu bayifunda indatshana. Lapho, benze konke manje ekuhlanganiseni izakhi ezelukene, noma ukunqwabelana, baze bacishe benze ukuphila. Futhi bathi bazokwenza. Abakwazi ukwenza lokho. Ukuphila kuyindalo. Ngakho-ke munye kuphela onguMdali, futhi lowo nguNkulunkulu. Niyabo? Abasoze bakwazi ukwenza ukuphila, kodwa uzama ukwenza lokho. Angazi ukuthi bekungaba hlobo luni lwesidalwa, uma ebekwazi ukusenza, uma bekungaba ngokobuhlakani bomuntu na? Ngakho-ke niyabona angeke akwenze lokho. Akukhona nje okwakhe ukuthi akwenze. Wehlulekile ngemfundo. Wehlulekile ngesayensi.

⁶⁴ Uyazi ukuthi uvela ndawana thize, kodwa ufunu ukuthola indlela yakhe yokubuya.

⁶⁵ U-Adamu wakuzwakalisa ngempela lokho, umuntu wokuqala emhlabeni. Ngemva kokuthola ukuthi uwile emseni, wazama ukuthatha ubuhlakani bakhe uqobo futhi enze indlela ebuyela kuNkulunkulu ngaphandle kokubuyisana. Wazama ukubuyela kuNkulunkulu ngaphandle kokwenza u—ukubuyisana, into yokukhokhela izono zakhe. Emva kokuba isijeziso sikaNkulunkulu kwakuwukufa, wazama ukubuyela emuva ngaphandle kokuhlawulela ngokufa.

⁶⁶ Futhi amadoda asazama ukwenza lokho, ezama ukwenza inkolo ngaphandle kokubuyisana kuyo. U-Adamu wazenzela isembozo ngamahlamu omkhiwane, kungekho gazi elichithekayo lalesisembozo, futhi uNkulunkulu wakunqaba. Futhi Ukwengqabile ngalesosikhathi, futhi Uyokwenqaba njalo. Ngoba, “Ngaphandle kokuchithwa kwegazi akukho ukuthethelelwa kwezono.”

⁶⁷ Akakwazi nje ukubuya. Ngoba, inhlawulo ingukufa; futhi kukhona okumele kufe, ukukhokha leyonhlawulo. Ngakho-ke kungaba okubambele kuphela, noma sonke sisekufeni ukuba kwakungekho okubambele thina esingabambelela kukho. Futhi umuntu, ekwenzeni lokhu, waqaphela ukuthi, ukuthi udinga okuthile ukuze abambelele kukho, into ethize angabeka izandla zakhe phezu kwayo, into ethize angayisho, “Nakho-ke. Ngikutholile. Ngiyazi ukuthi yikho.”

⁶⁸ Ngakho-ke, u-Adamu, ukuze abambelele kokuthile, wenza iqabunga lomkhiwane ukuze amboze ubuze bakhe nomkakhe, kodwa wathola ukuthi lokho ayekuphethe esandleni sakhe akusebenzanga.

⁶⁹ Kwehle njalo kudabule eminyakeni besingabala amadoda, ukuba nje besinesikhathi. Ake sithathe amabili noma amathathu awo, empeleni.

⁷⁰ Ake sithathe uNimrode. UNimrode wacabanga into efanayo. Ngemva kukazamcolo, waqaphela ukuthi kwakukhona uNkulunkulu Oyokwahlulela ababi, ngoba babesanda kuphuma kulowozamcolo. Futhi wayazi ukuthi kwakuyisono esabangela ukuba uNkulunkulu abhubhise umhlabo. Ngakho-ke, azi ukuthi isono futhi sasiyokwenza uNkulunkulu enze into efanayo, wazama ukuzuza ngempumelelo okuthize, ukwenza umbhoshongo. Ukuthi, abantu babengagijima benyukele ezulwini uma kuba kubi lapha emhlabeni, futhi bahlale ezulwini; bese-ke bebuyela phansi emhlabeni, futhi bone, futhi babuyelete eZulwini futhi.

⁷¹ Manje, lowo bekuwumqondo wabantu yonke indlela, ezama ukona futhi aphile emhlabeni, futhi abe seZulwini ngesikhathi esifanayo. Awukwazi ukukwenza. Awukwazi ukukwenza. UJesu wathi, “Anikwazi ukukhonza uNkulunkulu nomamona.”

⁷² Yingalesosizathu sikholwa kulobibusuku ekuzigcineni ngokuphelele esonweni, ukudedda kuso. Kuwushevlu. Ungadladlali ngawo. Ungakubekezeleli nhlobo. Ungahlanganisi lutho nhlobo nakho. Ungaboni ukuthi ungasondela kangakanani kukho ngaphandle kokona. Bona ukuthi ungahlala kude kangakanani kukho. Noma yini ebukeka iyisono, qhela kuyo. Awuhlanganise lutho nakho, nhlobo.

⁷³ Ngakho-ke, uNimrode, nengqondo yakhe enkulu eyingcweti, wazama ukuzuza ngempumelelo lokhu. Futhi uma uzoqaphela, bekuhlezi kunjalo, selokhu umuntu adalwa. Ukuthi i... Uma uqhuba uzalo lwabantwana bakaKayini, bonke baba ngososayensi, amadoda anamandla, abasebenza emhlabeni ngensimbi nangokhuni, kanjalonjalo. Babengoluhlakaniphile, uhlangothi lobuhlakani.

Kodwa abantwana bakaSeti babengabafokazana, abelusi bezimvu, bethobekile.

⁷⁴ Manje, leyo yindlela efanayo okuyiyo namuhla. Labo abathembele entweni ethile eyenziwe ngomshini ngumuntu abangabeka izandla zabo kuyo, athi, "Yilokhu-ke. Yilokhu-ke," into ethile umuntu ayizuzile ngempumelelo, yena uqobo. Bese-ke uthola, kakhulukazi, labo yilabo abathi ukuzama ukubalekela ukubuyisana kweGazi babuyelete eNdleleni eyiyo.

⁷⁵ Manje, kodwa uNimrode emva kwesikhashana ekwakhiweni kombhoshongo wakhe, uNkulunkulu wahlala emazulwini futhi wamhleka. Futhi ufika esezoqeda cishe impela. Ngifuna niqaphela ukuthi wacishe wakuzuza ngempumelelo lokho aqala ukukwenza. Kodwa, manje-ke, khona manjalo, uNkulunkulu wavele wayijika into ngenye indlela, futhi into yaba yizicucu. Kwangena othulini. Njengoba nje isibhinco sika-Adamu seqabunga lomkhiwane saya othulini, kanjalo nombhoshongo kaNimrode waya othulini.

⁷⁶ Kwase kufika omunye, okwakuyiNkosi uNebukadinesari, futhi wayezokwakha umuzi.

⁷⁷ Futhi uma nizoqaphela, ngezinye izikhathi leyomimoya engena emadodeni. Futhi usuku luyeza, futhi luseduze manje, lapho iBandla lamaKristu, iBandla leNkosi uJesu Kristu, belifanele libe ngokomoya kakhulu, ngenxa yokuthi uJesu washo, ukuthi, "Imimoya emibili iyosondelana kakhulu ize idukise nabaKhethiwego ukuba kwakunokwenzeka." Isitha sinobuqili kakhulu.

⁷⁸ Manje mbhekisise kanye noNebukadinesari. Wakha umuzi njenqephethini nciamashi yaseZulwini, njengoba umfula u-Ewufrathe wawugeleza—geleza ngasesihlalweni sobukhos. NjengaseZulwini, umfula wamanzi okuPhila uhamba ngasesiHlalweni sobukhos, izingadi ezishwibekayo nakho konke nciamashi nje njengoba kwakunjalo, ngaphambili, ngani, ngenkathi u-Abrahama wayehamba, efuna uMuzy onjalo. Futhi uma ungenamqondo ngokomoya, uSathane uzokuphuphuthekisa kulezizinto, niyabo, into ecishe ibukeka njengaYo impela, kodwa akusiYo. Uma kwenziwa ngumuntu, akukuhle. Uma kuthengwe ngeGazi nguNkulunkulu, kuliQiniso. Lokho, niyabo, kuyiqiniso. Kodwa, uma kwenziwe ngumuntu...

⁷⁹ Manje, wenza lelidolobha elikhulu. Bese kuthi-ke sithola ukuthi, kanti futhi, wenza isithombe ukuze abantu basikhonze, futhi waletha ukukhonzwa kwesithombe phakathi kwabantu. Kodwa phakathi kwakho konke, nakho kufika isandla esiloba odongeni esingaphezu kwemvelo, ulimi olungaziwa okungekhomuntu owayengaluhumusha ngaphandle komprofethi ogewaliswe ngoMoya owayephakathi kwabo. Futhi lowombuso waya othulini, nciamashi nje njengombhoshongo kaNimrodi kanye nesibhinco somkhiwane sika-Adamu, okufanayo nje, ngoba yinto ethile umuntu azizuzele yona ngempumelelo. Yinto

ethile ayefuna ukuyenza, ukukhombisa ukuthi wayekwazi ukuzisindisa.

⁸⁰ Awukwazi ukuzisindisa. Ayikho into ongayenza ngakho. INdlela isivele yenzelwe wena. Awukwazi ukuzisindisa.

⁸¹ Besingabiza ezinte ezintingi ezinkulu ezenzeka. Muva nje, iFrance, emva kweMpi yoMhlaba yokuQala babefuna ukwakha umugqa iSiegfried phezulu lapho. Futhi babhekisa zonke izibhamu zabo ejalimane base bethi, “Manje, uma amaJalimane eke azama ukuza ngalendlela futhi, ngani, sizokwazi ukubamisa, ngoba sinomugqa lapha esingabamisa ngawo.” Ukukhombisa nje ukuthi amacebo enziwe ngumuntu awakwazi ukuma, amaJalimane abadlula ngobuhlkani. Bafika ngemuva kwalomugqa iSiegfried futhi bathi, “Singadla, siphuze, siphile ngokuphinga, sisine, siphile esonweni, senze noma yini esiyifunayo, ngoba sivikelekile. Senze into ezosivikela.”

⁸² AmaJalimane amasha azungeza ngemuva kwakho futhi abathatha, niyabo, ajikela ngemuva ngqo. Ngoba, bakhohlwe ukwenza izibhamu zabo zikwazi ukuphenduka, zazingajika noma ngayiphi indlela. Ngakho-ke amaJalimane avele aphuma lapho angafinyelela ezibhanyini zabo, futhi ajikelezisa, ngemuva, nomugqa iSiegfried wawa.

⁸³ AmaJalimane afika futhi enza umugqa iMaginot. Futhi bacabanga, “Uma amaYankee eke eza lapha, ngani, sizovole sehlele kulokhonkolo owenziwe inqaba, futhi sizoba kahle.” Kwenzenkani na? AmaYankee afika nodalimede futhi abahlakaza baba yizicucu. Wawa noma kanjani.

⁸⁴ I-United States, lapha esikhathini esingeside esidlule, yayicabanga ukuthi ingakha umkhumbi okungekho abanye abakhi bemikhumbi ababengawakha. Wawubizwa nge-Titanic. Ngobunye ubusuku, lapho unqamula ulwandlekazi izinjini zavo zonke zigijima, futhi amabhendi ayedlala umculo wejezi, ewudlalela phezulu. Ngokuphazima kweso, waphenduka waba u *Eduzane, Nkulunkulu Wami, Kuwe*. Ngani na? Washaya umhosha weqhwa phandle lapho, futhi wabhoboza imbobo kuwo, futhi waqhumisa izinjini, washona ngaphansi kolwandle. Ngani na? UNkulunkulu ngesandla saKhe esinamandla ukhombisa lomhlaba ukuthi ngeke ume. Umuntu akakwazi ukuzuza ngempumelelo lutho ngokwakhe.

⁸⁵ Manje, namhlanje, ukuqophisana okukhulu kuyaqhubeka, mayelana nezikhali zenuzi. Futhi sisebenzisa izigidigidi zamadola ukuzama ukuthola indoda ibe senyangeni. Kuyosiza ngani uma esefikile enyangeni na? Angiyena...Njengoba ngishilo ngobunye ubusuku, angikhathazekile ngokungena enyangeni. Ngifuna ukungena eZulwini, ngakho-ke inyanga ayikude ngokwanele kimi.

⁸⁶ Futhi-ke amaRushiya, athi, “O, sibeka umuntu wokuqala emkhathini.” Ngehlukile impela nabo lapho. Leyo ndoda yahamba emkhathini cishe eminyakeni emibili edlule. Futhi sibe noYedwa emkhathini iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, esakhela iKhaya ukuba size kulo.

⁸⁷ Kodwa, niyabo, ukuzuza ngezimpumelelo okwenziwe ngumuntu, lokho umuntu akuzuzile ngempumelolo ukukwenza ngaphakathi kuye, ngeke kusebenze.

⁸⁸ Manje sizamile ukufundisa abantu, ukuthola lokho esingakubiza, “Izinga elingcono labantu,” ngemfundu. Amakolishi ethu obufundisi athumele abafundisi bethu esikoleni, okuyinto elungile, futhi bafunda imfundu ngokukhulumka kahle, inkulumo, kanjalonjalo, nokufundwa nokubhalwa kolwimi okungcono. Ukuthi, lapho izinga elingcono labantu basedolobheni, okubizwa kanjalo, besingena kulamabandla. Futhi siye sagcwalisa isonto lethu lagcwala lokho.

⁸⁹ Manje, angikholwa ukuthi kukhona izinga elingcono labantu kunabantu bakaNkulunkulu. Niyabo? Futhi uJesu akazange asebenze phezu kwezinga elinjalo ngenkathi Elapha. Waya kubadobi, abangafundile, abangafundisiwe, abangazi lutho. Futhi yilokho Akukhetha. Futhi uNkulunkulu, uma nje ubungamqonda, Uyathanda ukuthatha into engelutho futhi enze okuthize ngayo. Lokho kufakazisa ukuthi UnguNkulunkulu. Ayikho into ongaziqhayisa ngayo. Uthatha into engelutho, ukwenza okuthize ngayo. Lokho kufakazisa ukuthi UnguNkulunkulu.

⁹⁰ Manje, sazama ukukwenza ngaleyonkathi ngamahlelo. Sacabanga, mhlawumbe, uma besingenza amahlelo ethu akhule. Futhi senzeni, ekwenzeni amahlelo ethu na? Okungukuthi, kulungile; akukho lutho olumelene nabo. Kodwa into esayenza ngamahlelo ethu, sisanda kuqala ukudonsela lelohhlelo, futhi into yokuqala uyazi asizange sinikeze omunye umzalwane ingubo yokulala eyanele ukuba afudumale ngayo. Niyabo? Futhi sazehlukanisa-ke. Niyabona? Futhi ngokwenza lokho, sase-ke sibangela okuthize ukuba kwenzeke phakathi kwethu, okwakungafanele kwenzeke. Futhi sithola ukuthi lokho akusebenzi nje.

⁹¹ Izinkulomo zethu zobuhlakani, okungukuthi kulungile, ngifisa nje ukuthi ngingakwenza. Kodwa lokho akusikho okubalulekile emehlwani kaNkulunkulu. NguMoya oNgcwele. UNkulunkulu akakaze akumise okunjalo. Wamisa futhi wathuma iBandla laKhe ukuba lihambe lishumayele iVangeli. IVangeli alilona elobuhlakani. “IVangeli alifikanga ngezwi kuphela, kodwa ngamandla nemiboniso, izibonakaliso zikaMoya oNgcwele.” Yilokho okwaletha iVangeli.

⁹² Lapha kungekudala eChicago, iqembu leFull Gospel labiza umhlangano. Futhi bay a esikoleni esithize esikhulu seBhayibheli, futhi banesikhulumi esikhulu esihlakaniphile. Futhi kwakhangiswa idolobha lonke, mayelana nalesi sikhulumi esikhulu esivela esikoleni esithize esikhulu, esinegama elinjalo, he, nazo zonke iziqu ekugcineni kwegama, baze bacabanga ukuthi kwakuyoba yikho nje. Futhi kwathi lapho izixuku zibuthana ukuzolalela indoda, lapho isukuma ngemuva kwesakhiwo igqoke isudi, ukhololo ubhekiswe emuva, nenkulomo yakhe ngaphansi kwekhwapha, yenyuka yakwendlala endaweni yonke.

⁹³ Futhi inkulumo, he, yayinhle kakhulu. Akekho owayengasho izwi eliphikisana naleyo nkulumo. Yayiphelele. Ukufundwa nokubhalwa kolwimi kwakushaya emhlolweni. Izenzo zakhe kanye nezindlela zakhe zokuziphatha epulpiti zaziphelele. Akazange angingize, abe namalimi, noma agxize amathe, njengoba kwenza abanangi bethu. Kodwa yena—kodwa yena... Wakhipha inkulumo yakhe, ngobugagu obunjalo.

⁹⁴ Kodwa wacabanga, "Nalesi sigejane sabantu abangafundile, Ngizokhuphukela lapho futhi ngibabonise ukuthi kusho ukuthini ngempela ukuba umshumayeli." Eqhunsule isifuba sakhe, wakhuphuka, ekhukhumele wonke, futhi wanikeza le nkulumo. Kodwa wathola ukuthi kwakungahlali nalolo hlolo lwesixuku. Kwahamba phezu kwamakhanda abo. Amagama amakhulu kakhulu, amakhulu akhukhumele, abawatholanga.

⁹⁵ Ngakho-ke emva kwasikhashana, ngenkathi ebona ukuthi wayenephutha, waqoqa inkulumo yakhe wayeseyifaka engalweni yakhe. Amahlombe akhe ehla. Ikhandla lakhe lehla. Amadolo akhe elenga. Wabuna wabuyela phansi, ethobekile, ehlazekile, wasuka epulpiti.

⁹⁶ Kwakukhona ongcwele omdala ehlezi emuva lapho, eqalaza, wathinta omunye, wathi, "Ukube wayenyuke ngendlela ehla ngayo, ubezokwehla ngendlela akhuphuke ngayo."

⁹⁷ Ngakho-ke lokho kucishe kuthi akulunge, umuntu aze azi ukuthi akazi lutho, futhi uyozithoba phambi kukaNkulunkulu futhi alindele uMoya oNgcwele ukuba wenze umsebenzi. Yileyo into. Umuntu akakwazi ukuzuza lutho ngobuhlakanani bakhe. Umele athembele kuNkulunkulu kuphela.

⁹⁸ Manje, umuntu owenza lokhu, ukhombisa ukuthi kukhona ukuzuza ngempumelelo ndawo ndawo, ngenxa yalesisizathu esikhulu sokuhlengwa. Futhi uNkulunkulu wenza lokho kuzuza ngempumelelo. Wakwenza lokho, futhi Wakwenza kwaba lula kakhulu: kwakungokukholwa. UNkulunkulu washo, ekuqaleni, ukuthi kwakulokhu kungokukholwa. Namuhla awusindiswa ngemisebenzi, ngezinto ezinhle, ngokujoyina ibandla, ngokuba ngofundile. "Usindiswa kuphela ngokukholwa, futhi lokho ngomusa kaNkulunkulu." Usindisiwe

ngokukholwa, ngokukholwa lokho uNkulunkulu asekwenzile kakade.

⁹⁹ UNkulunkulu wahlinzekela ibhanelala. UNkulunkulu ukunika into ongabambelela kuyo, ibhanelala, njengefulegi lilenga.

¹⁰⁰ Futhi eKorea, futhi, o, ezansi eziqhingini, ngesikhathi sempi, lapho amaMelika esexoshe amaJapane abuyela emuva. Futhi bagijima benyukela eGuam nasezindaweni ezechlukene, esiqongweni seqquma, igquma eliphakeme kunawo wonke ababengalithola. Futhi lapho, izinyembezi zehla ezihlathini zabo, futhi ngokumemeza, batshala ifulegi laseMelika, iOld Glory, phezu emmangweni. Babelinqobile izwe. Ukuzuza ngempumelelo okungaka pho, ukuphakamisa lelobhanelala, ukuthi, “Leli ingelethu.” O, kwakuyinhlanhla enjani kulawomasosha, ukuma lapho ezwensi ayelingqobile.

¹⁰¹ Ngianitshela, uNkulunkulu wanika iBandla ibhanelala ngelinje ilanga, lapho uJesu aphakanyiswa eKalvari phakathi kwamazulu nomhlaba, akekho omunye ngaphandle kukaNkulunkulu, u-Imanuweli, opha iGazi laKhe phezu komhlabathi. Kwaphakanyiswa ibhanelala kubantu, ukuthi, “Sinqobile. Sinqobile. Singaphezu kwabanqobi, ngokuba Usinqobelite.”

¹⁰² Manje sithola ukuthi uNowa, indoda kaNkulunkulu, wayenokukholwa, futhi uNkulunkulu wamnika ibhanelala. Futhi lelo bhanelala kwakungumkhumbi. Futhi uNowa wakha kude, ngokukholwa, ngoba kwakungumyalo kaNkulunkulu, ukwakha lomkhumbi ukuze kusindiswe noma ubani ozongena kuwo. Manje, njengoba uNowa ehamba, akha phezu komkhumbi, wayazi ukuthi wayeqedela ibhanelala uNkulunkulu ayemtshelle ukuba alakhe. Noma yini uNkulunkulu athi yenze, bambelele kukho, ngoba kulungile. Akunandaba ukuthi bangaki abahleka usulu ababehleka futhi bahlekisa ngaye, uNowa wayazi ukuthi wayeno ISHO KANJE INKOSI.

¹⁰³ Qhathanisa uNowa noNimrode. UNimrode wayenowakhe umbono ngakho; futhi uNowa wayenombono kaNkulunkulu ngakho. UNimrode wayenokuthile ayengabeka izandla zakhe kukho; futhi uNowa wayenokuthile ayengabeka izandla zakhe kukho. Kwakuyibhanelala, into ayengabambelela kuyo. Impela.

¹⁰⁴ Bes-e-ke siyathola, emva kwalokho. Sizokhuluma ngenyeindoda masinyane, futhi igama layo kwakunguMose. Futhi wayeyindoda eyodwa nje. Kodwa wayezokwazi kanjani ukukhulula abantwana bakwa-Israyeli eGibhithe, baphume ebugqilini; emva kokuba efundele isikole, esefundisiwe kukho konke ukuhlakanipha kwabaseGibithe, futhi wazithola ehlulwe ngokuphelele na? Kodwa ngolunye usuku, emuva ehlane, uNkulunkulu wahlangana naye, noma wahlangana noNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu umnika ibhanelala, induku

ukuba ayiphathe esandleni sakhe. Into elula kanje pho, kodwa yawenza umsebenzi. "Thatha le nduku phambi kwakho." Kwakuyibhanel. Ukuthi, uMose, ngenkathi enaleyonduku, wamasha waya phambili nayo.

¹⁰⁵ Ngangitadisha esikhathini esingeside esidlule ngoDavid Livingston, lapho ngimi ethuneni lakhe eLondon. Futhi baningi abantu abavakashela ithuna lika-Livingston kunanoma yiliphi elinye ithuna e-Abbey. Manje-ke, ngizwa indaba kaLivingston, ukuthi wehlela kanjani lapho njengodokotela nomKristu. Ukuthi waya kanjani kubantu bomdabu, futhi akakwazanga ukungena, ngoba iningi labo lalinonya.

¹⁰⁶ Ngakho-ke, wafika enduneni. Futhi yathi, induna yathi, "Uma uzophuza igazi lesivumelwano nami, khona-ke uzoba ngomunye wethu." Ngakho-ke bathatha iwayini enkomishini, futhi badonsa imithambo yomunye nomunye, base beyibamba ngaphezu kwendebe base beqathazela igazi phakathi lapho, futhi balixuba, amagazi amabili ndawonye. Bese kuthi-ke uLivingston ephuza ingxenye yalo. Nenduna iphuza ingxenye yalo.

¹⁰⁷ Base-ke benikezana ibhanel, ukuthi babengabazalwane. Nenduna yacela ijazi likadokotela likaLivingston, futhi wakhumula ibhantshi lakhe walnika induna. NoLivingston wacela enduneni khona-ke umkhonto wakhe ongcwele.

¹⁰⁸ Kwase kuthi-ke lapho esebuyela emenweni, nabomdabu bamgijimisa, babemjikijela ngomkhonto, ukuthi wayezizwa kahle kanjani lapho ephakamisa leli bhanel, umkhonto ongcwele. Futhi ngenkathi ewuphakamisa, kanjalo, abomdabu babewela phansi futhi bacishe impela bamkhonze njengoNkulunkulu, ngoba babazi ukuthi kulapho lowomkhonto ongcwele wavela khona.

¹⁰⁹ Manje, lokho kunamuhla. Abantu banamuhla bayehluleka ukubona ibhanel elikhulu uNkulunkulu asinike lona.

¹¹⁰ Wena uthi, "Mfowethu Branham, unawo amandla na? Ngifisa sengathi ngabe nginamandla."

¹¹¹ Asinawo amandla. Asinawo amandla. Sinegunya. Akuwona amandla. Yigunya. Asiawadingi amandla. UKristu unamandla. Kodwa sinalo igunya. Amen. Kunomehluko omkhulu. Nguye Owanzoba. Wanqoba futhi wasinika igunya. Unamandla, kodwa sinegunya, njenganoma yiliphi inxusa eliya kwelinye izwe.

¹¹² Lapha, ukunichazel khona. Kukhona, phansi... Wehlela lapha kwenye yalezi zimpambano lapha ePhoenix, cishe ngehora lesihlanu ntambama. Kukhona iphoyisa elimi lapho. Nazi izimoto zidlula, ngamamayela angamashumi amane, amashumi amahlanu ngehora. Awu, lelo phoyisa elincane kungenzeka lingabi ngamafidi amahlanu ukuphakama, liphumele lapho, futhi, ngani, alinawo amandla enele okumisa enye yalezozimoto. Awu, enye lalezozimoto ingaba namandla

amahhashi angamakhulu amathathu. Awu, zivele zimqukule lowomfo omncane futhi zimhlifize, futhi ziqhubeke. Kodwa ake aphakamise isandla sakhe kube kanye, ashaye impempe. Akanawo amandla, kodwa unegunya. Yilokho-ke. Amabhuleki azoshishiliza, namasondo ayokwkwiza. Konke kuzoma ngoba uphakamise isandla sakhe, ngoba unegunya.

¹¹³ Futhi lapho owesilisa noma owesifazane egqoke izikhali ezigcwele zikaNkulunkulu, akusivo amandla. Kuyigunya elivelu koPhezulu, uma ethi. Odeveli bazokhala namabhuleki azokwkwiza. Ngisho nokufa uqobo kuyothuthumela, namathuna ayovuleka, ngegunya uJesu Kristu alinika iBandla laKhe. Wonke amadoda ayakwazi lokhu. “Lezizibonakaliso ziayakubalandela abakholwayo.” Phakamisani igunya, ibhanelia.

¹¹⁴ Isandla sakhe siyaphakama, efake igilavu lakhe elimhlophe, futhi yonke imoto izoma. Akanawo amandla anele, mhlawumbe, u—ukumisa ibhayisikili. Kodwa unegunya lokumisa noma yini ewela kulowo mgwaqo. Ngoba kungani na? Wonke umthetho wasePhoenix ungemva kwakhe.

¹¹⁵ NomKristu ofile, futhi wembelwa, futhi wavuka naYe ekuvukeni kwaKhe, ezindaweni zaseZulwini! Niyabo, “Uma safa kanye naYe, khona-ke sivuswa futhi kanye naYe,” ngokuba uMzimba uya lapho kukhona iNhloko. Futhi UyiNhloko, futhi lona nguMzimba. Futhi ngeke kube, kodwa, “Manje sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu,” ngawo wonke amandla kadeveli enqotshiwe futhi engaphansi kwezinyawo zaKhe. Igunya! Igunya, nanto ibhanelia. Leso yisandla esiphakamisayo, esibalulekile.

¹¹⁶ UMose wehlela eGibithe. Kwakukhona izilwandle ezinkulu laphaya. Waphakamisa ibhanelia, futhi kwenzekani na? Zaphenduka igazi. Laphakanyiswa phezu kwezwe; amaxoxo, izintwala, amazeze. Ilanga lanqaba ukukhanya. Ukuwa kwashaya izwe. Ngani na? Waphakamisa ibhanelia lokwahlulela kukaNkulunkulu.

¹¹⁷ Futhi lapho siphakamisa ibhanelia lokwahlulela kukaNkulunkulu, njengekholwa kuKristu, unempilo ebethelwe kuwe uqobo kanye nemibono yakho, futhi wavuswa, neZwi laKhe lenziwa laphila phakathi kwenu, wonke udeveli ufanele aKunswininizele. Kulungile. Isizathu, kumele uKristu. Niyabo? Wafa. Nguye owaphakamisa ibhanelia.

¹¹⁸ Futhi uMose nenduku yakhe, kwakubukeka njengento encanyanyana, kodwa kwakuyinduku. Futhi kwakuyibhanelia likaNkulunkulu eGibhithe, intonga yakhe yokwahlulela, futhi yalettha ukwahlulela. UNkulunkulu uhlala enikeza into ethile ongayibheka, into ongabeka isandla sakho kuyo, into ethile ongayifakazela, into ethile elungile, emva kokuba seniMemukele. Izazi, oMegi...

¹¹⁹ Siyafunda, uPetru wathi wabona ukuthi uNkulunkulu waye, wayeyothatha noma yisiphi isizwe sabantu, noma ubani owayeMkholwa.

¹²⁰ Izazi, zazibheke ukuba kuphakame inkanyezi evela kuJakobe, inkanyezi ezophuma kuJakobe. Futhi banikwa ibhanelia. Lapho uJesu ezalwa eBhetlehema laseJudiya, kwafika izazi ezivela eNdya zilandela inkanyezi. O, he! Ini? Ibhanela, ubufakazi obubonakalayo, ubufakazi, ubufakazi obungaphezu kwemvelo.

Ongakholwa, ngithanda ukuthi wena ubone lokhu.

¹²¹ Akufanele neze ukuthi wonke umuntu akubone. Akekho owabona leyonkanyezi ngaphandle kwalawo madoda amathathu. Wedlula zonke izindawo zokubuka, ubufakazi obubonakalayo obuphilayo bangempela, ibhanelia lokubaholela kuKristu. Akekho owakubona ngaphandle kwabo.

¹²² “Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona. Nokho niyoNgibona, ngokuba Ngiyoba nani njalo, kuze kuge sekupheleni kwezwe.” Ibhanela, “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade,” Ibhanela likaNkulunkulu leqiniso. Ongakholwa angase angakuboni.

¹²³ UJesu futhi wathi, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza.” Kuyoba yini na? Bekuyoba uphawu, ibhanelia.

¹²⁴ Kwake kwabuzwa kuYe, “Indodana yami mayihlale, enye ngakwesokunene, enye ngakwesokhohlo.”

¹²⁵ Wathi, “Ningakwazi yini ukuphuza inkomishi eNgiyiphuzayo na? Ningakwazi yini ukubhaphathizwa ngombhappathizo eNgibhaphathizwa ngawo na?” UMoya oNgcwele ofanayo wawuphezu kwaKhe ngaphandle kwesilinganiso, wehlela phezu kweBandla laKhe ngesilinganiso, kodwa NguMoya oNgcwele ofanayo, uNkulunkulu ofanayo. Yibhanela.

¹²⁶ Singamabhanela kaNkulunkulu ezweni. Yingalesosizathu ngihlala ngithethisa ibandla lePentecostal, ngibalandela, izindlela zabo zokuphila. Yingalesosizathu izwe lingakwazi ukumbona uKristu, yingoba sehlisa imigoqo. Siyasuka kulokho.

¹²⁷ Uma abesifazane bethu begqoka futhi beziphatha njengabonke abezwe; lapho amadoda akithi ephuma, namahlaya angcolile, futhi ebhema, futhi eqhubeka njengabonke; beshade kane noma kahlanu, konke okunye; edonsa, ebangenis esontweni, nezinto ezinjalo. Ngani, qhabo. I—izwe alikholwa ukuthi unaWo.

¹²⁸ Ake ngikutshele, mflowethu, lapho usofile, futhi ukuphila kwakho kufihliwe kuKristu, ngoNkulunkulu, futhi wabekwa uphawu ngoMoya oNgcwele, futhi uNkulunkulu ukuphakamisa

ezindaweni zaseZulwini, uzoba yibhanel a ukuthi umsebenzi kaNkulunkulu wenziwe kuwe.

¹²⁹ UJesu wathi kuMarku 16, “Lezizibonakaliso ziayakubalandela abakholyo.” Luhlobo luni lwebhanel a na? Ihembe elihle elihlohlwe na? Qhabo. Intobeko. Ukugcwala kukaNkulunkulu kuKristu Jesu kwamenza wahamba njengomfokazi othobekile, wamenza wageza izinyawo zabafundi baKhe, wayengenandawo yokuqamelisa ikhanda laKhe.

¹³⁰ Abanye bethu sizibiza ngamaKristu, siya endaweni, sifanele sibe nabangcono kunabo bonke abakhona ezweni; sifanele siqinisekiswe imali eningi kakhulu, ngeke sihambe, umvangeli. Abanye abelusi ngeke baye esontweni ngaphandle uma kuyizinga eliphezulu nendawo enkulu. O, he!

¹³¹ Sidinga esinye iseohlakalo esifana naleso uPawulu asibona lapho esendleleni eya eDamaseku. UPawulu walibona lelo bhanel a liphakanyiswa! Futhi wathi, “Ungubani Wena, Nkosi?”

Wathi, “NginguJesu.”

¹³² Esikudingayo kulobubusuku enye iNsika yoMilo ilenga phezu kwebandla futhi kulobubusuku, ukuthi amehlo abantu aphuphuthekile ayovulwa futhi akubone.

¹³³ UJesu usaphila futhi uyabusa, ibhanel a. Manje, Uyi... UNkulunkulu usinike lelibhanel a. Ibhanel a laPhakade.

¹³⁴ Khumbula ukuthi onke amabhanel a seRoma, onke amabhanel a kaNimrode, onke eBabiloni, futhi onke amanye, afihliziwe futhi awasekho. Sibazi ngomlando kuphela. Ngema eRoma, lapho oKhesari abake babusa umhlab a, futhi wawuyofanele umbe phansi amafidi angamashumi amabili othulini, ukuthola lapho isigodlo sabo sasikhona. Ngema eGibhithe lapho oFaro babekhona, futhi sekuhambile futhi kwaphenduka uthuli.

¹³⁵ Mfowethu, kodwa kukhona ibhanel a uNkulunkulu alizuza ngempumelelo ngelinye ilanga, ngokuphakamisa uJesu Kristu kwabafileyo, nokuthumela uMoya oNgcwele phezu kweBandla laKhe. “Futhi amazulu nomhlaba kuyodlula, kodwa iZwi laKhe alsoze ledlula.” “Phezu kwalelidwala ngiyakulakha iBandla laMi, namasango esihogo angeke aLehlule.” Ngani na? Ibhanel a eliphilayo liseBandleni: ibhanel a, obungenaphutha, ubufakazi obuphelele, into ethile ongabeka izandla zakho phezu kwayo, into ethile ongabuka kuyo.

¹³⁶ Bonani lapha, lensizwa, uWilliams osemncane lapha, wasukuma wase efakaza ukuthi uyise nonina babemkhulekele kanjani, futhi khona manjalo wabona ibhanel a. Kukhona okwenzekile. Ubonile. Wavalelisa endlini endala yobumba, wabe-ke esegijima ezungeza iMilky White Way, njengoba umzalwane eshilo.

¹³⁷ Lapho amadoda ekubona lokho! “Uma Ngiphakanyiswa kulomhlaba, ngiyodonsela bonke abantu kiMi. Nina ningofakazi baMi. Niyakuba ngofakazi baMi kokubili eJerusalem, eJudiya, eSamariya, nasemikhawulweni yomhlaba. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. NgeGama laMi bayakukhipha amadimoni, bakhulume ngezilimi ezintsha, baphathe izinyoka, baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza, babeke izandla phezu kwabagulayo, futhi bayakusinda.” Ibhanela. Ake ngithole okunye phezu kwalokho, ukuze ngikuvalle ngakho. “Lokhu bonke abantu bayokwazi ukuthi ningabafundi baMi, lapho ninothando omunye komunye.” Niyabo? Awukwazi ukuthathatha ingxenye yakho. Ufanele ukuthathe konke. Futhi angeke kwabekwa uphawu kuze kufike konke okwaKho. Kunjalo.

¹³⁸ Ezweni elidala, ezikhathini zakudala, uphawu lwaluvame ukuba yindandatho. Indoda eyayingakwazi ukusayina igama layo, yayinendadatho nje, futhi yakubeka uphawu. Okwayo, noma ngabe yini ayiloba, ngani, yavele nje, esikhundleni sokusayina igama layo, yafaka uphawu kukho. Kwakuyicala lasejеле ukuba ike ikopishe lolo phawu.

¹³⁹ Manje, namuhla, uNkulunkulu unoPhawu, futhi yinhlawulo yokufa ukukopisha lolophawu. Lalelani, nina maLuthela, maMethodisti, maBaptisti, iPresbyterian namaPentecostal, ningazami ukuLikopisha.

¹⁴⁰ Thula, futhi uNkulunkulu uzoLubeka phezu kwakho. Futhi-ke uyoba yibhanela, isibonelo sobuKristu, nobudoda nobufazane. Uphawu lukaMoya oNgcwele, ibhanela likaNkulunkulu, lugxivizwe kuwe uze ubuke, wenze, uhamba, ukhulume iVangeli nomaphi lapho uya khona. Awukho umunwe ongabekwa kuwe. Kunjalo.

¹⁴¹ UNkulunkulu usekuzuzile lokho ngokufa, ukumbelwa, nokuvuka kukaJesu Kristu, “Ngokugezwa kwamanzi ngeZwi.” NgeGazi laKhe namuhla siyagezwa futhi sihlanzwe, sinikezwe lenhlanhla enkulu.

¹⁴² Niyabo, siyamangala ukuthi uJesu wayeyini, uma sithi Wayenguye izolo, namuhla, naphakade. Manje, lokho Ayeyikho izolo, Uyikho namuhla, futhi uyoba yikho phakade, lelobhanela elifanayo.

¹⁴³ Sithola ukuthi ibhanela laliyikho ngalesosikhathi kulabobantu, ukwazi ukuthi Wayeyibhanela elilungile yini elalibheke ukuba lifike. Siyabona emiBhalweni, lapho phakathi lapho Angakaze azisho ukwenza noma yini. Akakaze azisho. Wathi, “AkuMina owenza imisebenzi. NguBaba waMi ohlala kiMi. Wenza imisebenzi. Ngiqinisile, ngiqinisile Ngithi kini: INdodana ingenze lutho, kuperha lokho ebona uYise ekwenza, yikho iNdodana ekwenzayo.” Yilokho Abona uBaba ekwenza. Ngamanye amazwi, Wakubona ngombono, okwenzeka.

¹⁴⁴ Siyathola, owesifazane wathinta ingubo yaKhe. Waphenduka futhi wambuka, wayesemtshela. Wayenomopho, futhi wanqamuka. Ukholo lwakhe lwalumsindisile.

Owesifazane emthonjeni. Wathi, “Hamba, ulande indoda yakho.”

Wathi, “Anginayo.” Wathi, “Awu, thina . . .”

“Usho kahle, ngoba usube namahlanu.”

¹⁴⁵ Ngenkathi Esho lokho, wathi, “Mnumzane, siyazi ukuthi uMesiya uyeza, Obizwa ngokuthi uKristu. Lapho Efika, Uzositshela lezizinto.” Niyabo?

Lapho-ke kwakukhona ibhanelo. Wathi, “NginguYe okhuluma nawe.”

¹⁴⁶ O, mfowethu, imbiza yamanzi yasala. Wathola umthombo ogewaliswe ngeGazi elimuncwe emithanjeni ka-Emanuweli. Wayethole uMthombo wensindiso. Wathola uMthombo. Wagijima wangena emzini. Niyabo? Wayejabule ekhomba amadoda. Wathi, “Wozani, nibone ukuthi nguBani esimtholile. Bonani uMuntu ongitshelo zonke izinto engizenzile.”

¹⁴⁷ Bukani u-Andrew, engishumayele ngaye izolo ebusuku ngapho. Kanjani, kwathi nje esehlale ubusuku bonke noJesu, futhi ethola ukuthi lowo kwakungufakazi kaNkulunkulu ngempela, lowo kwakunguMesiya, akahambanga, wathi, “Simoni, woza, ungisize ngikuqonde.” Wayazi ukuthi WayenguMesiya.

¹⁴⁸ Futhi kwathi nje lapho eqhamuka phambi kwaKhe, Wamtshela ukuthi wayengubani, nokuthi lalingubani igama likayise, futhi uPetru wayazi ukuthi yilokho okwakuzokwenzeka.

¹⁴⁹ UFiliphu wenza okufanayo. Futhi, o, kuqhubeke, kuqhubeke, kuqhubeke, ibhanelo.

¹⁵⁰ UJesu wathi, kuJohane oNgcwele 14:12, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza.”

¹⁵¹ Manje bheka. Sithunyiwe. Lalelani lapha, bangane, nonke. Ngikhuluma nani bantu manje, lokho kukhona kumanje, kubantu abazokhulekelwa. Lalela lokhu.

¹⁵² Ungufakazi. Usindisiwe, futhi uyazi ukuthi amandla kaNkulunkulu ayini, ulithintile lelobhanelo. Ubambe okuthize, okuthize, hhayi umbhoshongo kaNimrode. Futhi akusona i—isibhinco seqabunga lomkhiwane sika-Adamu. Kodwa yisithembiso sikaNkulunkulu, ukuthi, “Amazulu nomhlaba kuyodlula, kodwa iZwi laMi aliyikudlula.” Yinto ethile ongabeka izandla zakho kuyo. “Lezizibonakaliso ziyanakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.” Yibhanelo, ibhanelo langempela.

¹⁵³ Futhi kini bantu, kuzoba khona oyedwa lapha, ongakaze alemukele leli bhanelo, ongazi ukuthi yini eyenza lababantu bakhale, futhi bamemeze, futhi basine; nokuthi kwenza kanjani laba besifazane bayeke izinwele zabo zikhule, futhi bayeke ukugqoka lezo zingubo ezindala ezingcolile, no—nokubukeka bekhanukisa phambi kwamadoda, nezinto ezinjalo, lowomoya omubi omdala waphuma kubo.

¹⁵⁴ Ungangitsheli. Ungase ube msulwa njengomnduze kumyeni wakho; kodwa lapho ufika eNdaweni yokwaHlulela, uzophendula ngokuphinga. Kunjalo. IBhayibheli lasho. UJesu wathi, "Yilowo nalowo obuka owesifazane ukuba amkhanuke usephingile naye enhliziyweni yakhe." Futhi uma uzigqokisa ukuze uhiveze phambi kwamadoda, unecala, uma indoda ingazange ikuthinte. Uma leso soni siphendula ngokuphinga kwaso, uwena okwenzile. Uzethulile wena uqobo. Yebo, mnumzane. Mfowethu, dadewethu, ungahle ucabange ukuthi lena yimfashini endala.

¹⁵⁵ Nganginomfundisi esikhathini esingeside esedlule, wathi, "Uzolimaza inkonzo yakho, Mfowethu Branham."

¹⁵⁶ Ngathi, "Akuyona eyami. EyaKhe. Futhi lelo yiZwi laKhe, futhi yilokho Akusho." NgiyaLikholwa. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane. Kulungile.

¹⁵⁷ Ngakho-ke lapho ubona omunye walabo besifazane eqondisana noNkulunkulu, uzombona ephuma njengongcwele. Uzombona enza okwehlukile. Kuzoba—kuzoba nomehluko empilweni yakhe. Ubungcwele buyokhulumma yonke indawo. Uyoba inenekazi.

¹⁵⁸ Bhekisisani leyondoda, lesosidakwa laphaya emgwageni, sidiyazela, impukane yasebha, nomlomo wayo ebhuza izimpukane eziluhlaza, ngenxa yokuhlanza, ngewiski nobhiya nezinto ezinjalo. Ake ehlele e-altare futhi abambe lelo bhanelo ngelinye ilanga, futhi ngiyakutshela uyoba yibhanelo kuNkulunkulu, kanye nesikhumbuzo samandla asindisayo kaJesu Kristu. Yebo, mnumzane. Ngokuqinisekile Uzokwenza.

¹⁵⁹ Ngema phansi, ngoluny'usuku, lapha ezitaladini zasePhoenix futhi ngabona omncane, umfana oyikhaladi emi ethe qekelele lapho. Umfana omncane, akekho owayemnakile. EneBhayibheli lakhe ekhwapheni lakhe, futhi noma ubani owayedlula, wayekhomba iVangeli kubo, ngamandla akhe onke. Ngathi, "Bonga iNkosi uNkulunkulu. O, he! Kumemeze kakhulu, mfowethu. Kugcine kuqhubeke nje. Lokho kulungile, uphakamisa uJesu Kristu."

¹⁶⁰ O, uma ningaMazi kulobibusuku, bangane, Memukeleni. Ningke nikwenze, sisakhothamisa amakhanda ethu okomzuzwana nje ngomkhuleko na? Ngiyaxolisa, isikhathi sihamba ngokushesha kakhulu.

¹⁶¹ Ngifuna ukubuza, umzuzwana nje, sikhona isoni lapha kulobibusuku esingamazi uKristu futhi esingakaze samukele lelibhanelna?

¹⁶² Uma uzame ukuzuza ngempumelelo, yithi, “Manje, Mfowethu Branham, manje umzuzwana nje. Ngigcina umthetho wokuthi yeza othanda kwensiwe kuwe.” Mfowethu, ukube lokho bekungama, bekungeke kudingeke ukuthi uJesu afe. Uthi, “Mfowethu Branham, ngiba yilunga lebandla eligqame kakhulu.”

¹⁶³ Kulungile lokho, mfowethu. Ngiyakwazisa lokho, futhi ngiyakwazisa ngokugcina umthetho wokuthi yenza othanda kwensiwe kuwe. Ngiyakwazisa ngokugcina imiyalo eyishumi. Kodwa uma umthetho wokuthi yenza othanda kwensiwe kuwe, ukujoyina ibandla, noma enye yalezozinto, bekuyokusindisa, uJesu wafela ize. UJesu wathi, qobo IwaKhe, kuJohane oNgcwele, isahluko se 3, “Uma umuntu engazalwa ngokusha, kasoze angena.”

¹⁶⁴ Impilo ifana neqabunga elilenga esihlahleni. Emva kwesikhashana ukuphila kushiya iqabunga, futhi kubuyele ezimpanden zaso. Iqabunga liyaqathaka. Lokho kuphila kungcwatshwa ezimpanden kuze kudlule ubusika. Entwasahlobo sibuyisela okunye ukuphila, elinye iqabunga.

¹⁶⁵ Leyo yindlela yomKristu oseMthini wokuPhila. Loluhlaka oludala lapha lungase luwele phansi. Lokho kuyiqiniso. Kodwa ukuphila kubuyela kuNkulunkulu Owakunikeza. Niyabo? Uma uNkulunkulu ekunika ukuphila kwakho, uzalwa ngokusha, kunye kuphela ukuphila ongake ukuphile, futhi lokho ngukuPhila kukaNkulunkulu kuwe. Futhi uma lokho kuphila kukuwe, kuzoya kuphela lapho kuvela khona, kubuyele kuNkulunkulu, ukubuya kuleyominyaka eyiNkulungwane enkulu, neqabunga elisha, noma ukuphila okusha, noma umzimba omusha—noma omusha ongasoze wabuna futhi uwe.

¹⁶⁶ Izinkathi zethu zonyaka zikhomba ukuthi uNkulunkulu unathi, ukuthi uNkulunkulu ulapha. Wayala imvelo. Manje, uma ungakaze ukwemukele lokho kuphila, uma leloqabunga elincane belingawohloka kulobibusuku, lelicembe elincane okhona lapha emhlaben, niyazi ukuthi belingeke liphinde livuke; uma ungazalwanga ngokusha, awemukelanga ibhanelna enhliziywemi yakho, ubufakazi obubonakalayo, uMoya oNgcwele. Hhayi nje okucatshangwayo. Awukwazi ukukucabanga.

¹⁶⁷ Ngakhulum ndawana thize ngobunye ubusuku, futhi ngathi, “Ukube abafundi bebelinde izinsuku eziyisishiyagalolunye, futhi bathi, ‘SizoKwemukela ngokukholwa, ukuthi sinoMoya oNgcwele, futhi siqhubeke’ na?” Babengeke babe naWo. Niyabo? Bahlala lapho baze bazi ukuthi Wawulapho. Kukhona okwenzekile, into ababengabeka izandla zabo kuyo, bathi, “Yilokhu-ke.” Njengoba uNowa ubengasho,

“Yilokhu-ke.” Njengoba nje uMose wayengasho, ephethe induku esandleni sakhe, “Yilokhu-ke.”

“Uzonqoba kanjani, Mose na?”

“Ngale nduku ngizonqoba. Ngizokwenza kanjalo-ke.”

¹⁶⁸ Futhi ngoJesu Kristu, ngoMoya oNgcwele, nginqobile. Nginqobile, ngoba Wanginqobela. Futhi manje mina... Ukuphila kwami kufile, futhi kufihlwe kuYe, futhi kwabekwa uphawu ngoMoya oNgcwele. Kulapho.

¹⁶⁹ Uma ungenaso leso sehlakalo kulobibusuku, mngane oyisoni, ungeza sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje na?

¹⁷⁰ Baba wethu waseZulwini, manje nginikela izethameli kuWe. Kungase kube khona umuntu onhlanhlathayo lapha ongase angaphinde abe nalo ithuba futhi. Sisanda kukuzwa ocingweni, emizuzwaneni embalwa edlule, noma esikhashaneni esedlule, uMfowethu Tommy Hicks, inceku yaKho eyigugu. Umfowaboo, aye wakhala kuye, wamncenga, emavikini ambalwa nje edlule, waze wamthumelela nencwadi, futhi wathi, “Mfowethu, yemukela uKristu.”

¹⁷¹ Kodwa wayenza imali eningi kakhulu, ukumthengela ikhaya lamadola ezinkulungwane eziyikhulu, iCadillac entsha, wayengenaso isikhathi sokukwenza. “Ngicabanga ukuthi ngizokwenza lokho kamuva, Tommy.” Kodwa sekuleyithi kakhulu manje. Kwambamba, ezansi eMexico.

¹⁷² O Nkulunkulu, yiba nomusa. Yazisa abantu ukuthi akusekho ukubuya ukuze uzame futhi. Leli yithuba kuphela. Futhi ukufa akuwushintshi umphemfumulo; kushintsha indawo yawo yokuhlala kuphela.

¹⁷³ Manje, Baba, ngiyakhuleka, uma kukhona umphemfumulo lapha owaziyo ukuthi benzwiya yilobubuntu obukathathu, yakho kokubili umphemfumulo, umzimba, nomoya, lokho ngaphakathi kokumboze imbewu abahlala kukho kungumoya. Ngaphakathi komphefumulo obalawulayo kunomoya. Ngaphakathi kwemizwa emihlanu ngumoya. Futhi uma lowomoya ungesiwo uMoya kaNkulunkulu, uma lona omunye uwa, ungeke uphinde uvuke. Kodwa, Nkulunkulu, ngiyaKuncenga, ukuthi bazoKwemukela manje, futhi babambe lelibhanela elihle likaMoya oNgcwele enhliziyweni yabo futhi basindiswe kulobibusuku.

¹⁷⁴ Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, uma ekhona noma ubani othanda ukukhunjulwa, phakamisa isandla sakho manje, uthi, “Ngikhulekele, mfowethu, mshumayeli.” UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena, dade. Kuhle kakhulu. Omunye na? Manje, ungabi namahloni.

¹⁷⁵ Qhubekani nje nikhuleka, nonke maKristu. Lababantu bephakamisa izandla zabo.

¹⁷⁶ UNkulunkulu akubusise, nenekazi elincane. UNkulunkulu akubusise, dade. Omunye na? Uthi, “Ngikhumbule, Mfowethu Branham. Mina, manje ngiyakhola. Ngi—ngiyakukholwa nje, ngandlela thize. Ngiyakukholwa nje.” Omunye na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, ngapha. Busiswa, emuva lapho. Kuhle lokho.

¹⁷⁷ Manje, labo ngabantu abaphakamise izandla zabo. Bayakukholwa. I-altare limi ligcwele abantwana. Bakuyo yonke indawo, yonke indawo. Akudingekile ukuba ube ne-altare. Inhlizyo yakho iyi-altare. Inhlizyo yakho ilapho uNkulunkulu eza khona.

¹⁷⁸ Ngangifunda, ngolunye usuku, emlandweni, *iPilgrim Church* kaBroadbent, *iNicene Fathers*, ukuthi lapho, ebandleni lokuqala, babengakaze babe ngisho noma yimiphi imihlobiso, bengakaze babe ngisho ne-altare. Ngoba, abahedeni, bephendukile, babevame ukuwela phansi ngobuso e-altare. Babenesakhiwo esincane nje esidala lapho ababehlala khona phezu kocwecwe lwamadwala. Baphakamisa izandla zabo ngemva kokuba indoda ethile eyesaba uNkulunkulu inikeze umlayezo. Futhi baphakamisa izandla zabo futhi badumisa uNkulunkulu. Bayithanda leyo miphumela kaMoya oNgcwele egeleza kubo. Lelo kwakuyibandla lokuqala ngezikkhathi zika-Irenaeus noMartin, kanjalonjalo, ngemva nje kokufa kweNkosi uJesu, ngenkathi ibandla liqhubecka, ngaphambi kokuba lingene ebuKatolikeni. O, yilokho esikuthandayo.

¹⁷⁹ Manje, wena ophakathi lapha yenza lelo altare inhlizyo yakho manje, futhi uthi, “Ngena, Nkosi Jesu.” Ngizokukhulekela.

¹⁸⁰ Nkosi Jesu, ngiyethemba ukuthi, ngiphuthuma ngokushesha impela, ngiphonsa lamazwi ndawonye, ngilungiselela manje, futhi silindele ukubona ukuthi Uzokwenzani emgqeni womkhuleko, singazi impela ukuthi Uzokwenzani. Kodwa, nokho, sekube okungenani izandla eziyishumi nambili eziphakamile, zabasebancane nabadalwa, olangazelela ukwazi Wena, Baba, ukulangazelela ukuba nalokho kuPhila okuPhakade. Makube ngokoqobo kubo njengamanje. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi uMoya kaNkulunkulu oyigugu ungaqeleta wehle ungene emiphefumulweni yabo njengamanje futhi ubenze izidalwa ezintsha kuKristu.

¹⁸¹ Futhi manje, Baba, ngiyakhuleka ukuthi emgqeni womkhuleko ukuthi UzoZibonakalisa Wena uqobo ubonakala kakhulu phambi kwalezizethameli kulobubusuku ngokuphulukisa abagulayo, ukuthi bazakusuka lapha besho njengababevela e-Emawusi, “Izinhlizyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu?” Ngoba, babone into ethize eyenziwe,

labobantu e-Emawuse, labobazalwane. Babehambe usuku lonke, uKleyophase nabo, behkuluma naYe, kodwa nokho babengazi ukuthi Wayengubani. Kodwa ngenkathi Enza into ethile ngendlela Ayenza ngayo ngaphambi kokubethelwa nokumbelwa kwaKhe, babazi ukuthi Uvukile kwabafileyo. Uzophinda ukwenze futhi kulobubusuku, Baba na? Siphe khona, siyakhuleka.

¹⁸² Manje sikhulekela ukuthi Uzothatha lemiphefumulo eyigugu, uyiphe ukuPhila okuPhakade. Kwangathi, uma bengakaze babhapathizwe, kwangathi bangathola indlela yabo yokuya ehlala-mfundisi noma ndawondawo futhi babhapathizwe, bebiza iGama leNkosi. Futhi sengathi Ungabagcwalisa ngoMoya oNgcwele. Futhi sengathi singahlangana nabo eNkazimulweni, ezweni elingcono, lapho lo mhlangano walobubusuku uzoletwa ekwahlulelwensi. Sikunikela kuWe manje, eGameni likaJesu. Amen.

Ng'yaMthanda, ngi . . .

Manje, emva koMlayezo osika kanzima, asidumise nje manje.

Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

¹⁸³ Awukuthandi lokho na? Konke lokho . . . Wena owawuyiMethodisti, phakamisa izandla zakho; amaBaptisti, iPresbyterian, iKatolika. Manje, bonke abazelwe ngokusha nguMoya kaNkulunkulu, phakamisani izandla zenu, noma ngabe uyiMethodisti, iBaptisti, noma iKatolika, noma yini. Akunjalo lokho na?

¹⁸⁴ Manje, sisalicula futhi, kamnandi ngempela, njengoba udadewethu esinikeza indlela manje. Anikuthandi lokho na? O, he!

¹⁸⁵ Niyazi, lapho niwelela eZulwini, futhi ningene endlini yenu enkuIu futhi nibuke ezansi lapho, nizobona indawo yami encane lapho. Ngokunye kwalokhukusa, uyangizwa ngiphuma, ngilicula, niyazi ngifikile eKhaya. Amen. Ngiyakuthanda nje lokho. Kulungile.

¹⁸⁶ Sonke ndawonye manje. Awubeki nje . . . Iba uwena nje. Ngiyakuthanda ukucula okuhle kwephentekoste. Anikuthandi na? Angilithandi iphimbo eliqeqeshwe ngokwedlulele, niyazi, elincwininizayo, futhi babambe umoya wabo, nokuhlaza okwesibhakabhaka ebusweni, futhi uzama nje ukufaka okuthile. Ngi—ngithanda ukucula okuhle, okwangempela nje, ukucula okukhululekile. Manje wonke umuntu, kanye kanye, nekhwaya elincane, kanye kanye manje. Sonke kanye kanye manje.

Ng'yaMthanda . . .

Asivale amehlo ethu.

. . . Ng'yaMthanda,
 Ngoba Wangithanda kuqala
 Wang'thengel'insindiso
 Emthini waseKalvari.

¹⁸⁷ Manje, kamnandi ngempela, sisacula futhi. Asijike futhi sixhawulane nothile oseceleni kwakho, ngaphambili nangemuva, manje. "Ngi. . ." Nonke nina bahambi, bahambi, nezihambi ezweni. Katolika, xhawulana neProtestane. Protestane, xhawulana namaMethodisti. MaMethodisti, namaBaptisti, amaPentecostal. "Thanda. . ." Church of God, ne-Assemblies. Ama-Assemblies, ne-Oneness. O!

Ng'thengel'insindiso
 Emthini waseKalvari.

Manje izandla zethu ziphakemele kuYe.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
 Ngoba Wang'thanda kuqala
 Wang'thengel'insindiso
 Emthini waseKalvari.

Manje, ngokuzithoba, asikhothamise amakhanda ethu futhi silihamshe.

¹⁸⁸ Baba, siyazivuma izono zethu, ngenkathi iZwi lisahlwanyelwa phezu kwezinhliziyobantu, lelobhanelia. Abanigi babo sebekufundile kudala. Hamba phakathi kwethu manje, Baba. Wena uye wasindisa abalahlekile. Manje phulukisa abagulayo, ukuze kwaziwe ukuthi iZwi laKho aliyikubuyela kuWe lilambatha. Lizokufenza lokho okuthenjisiwe. [UMfowethu Branham uhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.]

¹⁸⁹ Amakhadi omkhuleko manje, siqale ngelokuqala, qalani ukuma eduze kwe-altare *kanje*, lapha. Umkhuleko. . . Linda. Ngakho-ke kungcono ngibabize, oyedwa ngesikhathi, ukuze kungabi bikho ukudideka. Ikhadi lomkhuleko lokuqala.

Uma uzoqhube ka nokudlala iculo, dade.

¹⁹⁰ Ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala na? Khona lapha. Elesibili, elesithathu. Kulungile. Elesithathu. Elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa. Suka nje uphume ngqo, futhi uphume lapha ngqo, ume nje uphume ngqo ngalendlela.

¹⁹¹ [UMfowethu Branham uhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.]

Ngi. . .

Hlalani nje emoyeni womkhuleko manje, kamnandi, ngokuthula.

Ngoba Yena kuqala. . .

¹⁹² Isishiyagalombili, isishiyagalolunye, ishumi, ishumi nanye, ishumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi

nanhlanu, ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili.

Thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

Manje nonke nina eninamakhadi omkhuleko.

Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
E . . .

Phakamisa isandla sakho, nje, eGameni likaJesu.

. . . umuthi.

¹⁹³ [UMfowethu Billy Paul Branham ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] (Yebo, ndodana.)

¹⁹⁴ O, akamangalisi na? Hamishani lelo.

Mthanda, Ngi . . .

Niyakuzwa lokho na? Kuzwakala njengamahubo eziNgelosi, niyabo.

. . . thanda kuqala
Wangi'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

¹⁹⁵ Lokho kuzwakala kahle na? [UMfowethu Branham uhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.]

Anizizwa izinsimbi manje zikhala na?
Anizizwa iziNgelosi zicula na?
Yinkazimulo haleluya Jubili.
Kulobo bumandidi obukude kuze kube phakade, (Makabongwe uNkulunkulu!)
Ngaley a nje komfula ocwebezelayo,
Lapho beshayela wena nami lezo zinsimbi zegolide.

¹⁹⁶ Manje, angikwazi nje ukusuka kulokho. O, ngiyakuthanda lokho. Ngiyayikhumbula indodana yami, uBilly, ngenkathi kushona umama wakhe. Amahora ambalwa, udadewabo omncane washona. Ngabahlanganisa bobabili, phezulu egqumeni, futhi ngabangcwaba. Ngenyukela lapho, ngase ngiqlala phansi. Ihobhe elidala lalivame ukuhlala phandle lapho futhi likhale. Ngobuqotho ngacabanga ukuthi kungahle kube umpedhumulo wabo ongafi obuyayo, ukhuluma nami. Ngangidabuke kakhu lu enhlizweni. Futhi kwabonakala sengathi, kwehlu kudabula kulawo mashoba, kwakukhona ukunyenyeza, kanjalo.

KuneZwe ngaphesheya komfula,
 Abalibiza ngelimnandi ingunaphakade,
 Futhi sifika kuphela kulologu
 ngokukholwa . . . (Akunjalo lokho, bangane
 na? Mm! He!)

Ngamunye ngamunye sizongena esangweni,
 Lapho ukuhlala nabangasayikufa,
 (Ngeke kube kuhle lapho benza lokhu na?)
 Lapho beshayela wena nami lezo zinsimbi
 zegolide.

¹⁹⁷ Manje, bangane, ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, kukhona—akekho umuntu ongakuphulukisa, kungengaphezu kwanoma yimuphi umuntu ongakusindisa; ngoba kokubili ukuphulukiswa nensindiso kuyinkathi edlule. Lapho uJesu Kristu efa eKalvari, “Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina.” Kungumsebenzi osuqedidiwe. Manje, into kuphela okufanele uyenze, ukwamukela phakathi kokuthi insindiso yakho noma ukuphulukiswa kwakho, kungukwamukela lokho uKristu akwenzela khona.

¹⁹⁸ Njengoba ngishilo, ngobunye ubusuku, ake sibheke uNkulunkulu umzuzwana nje, emuva le ePhakadeni, ngenkathi okwaKhe . . . ngenkathi amalanga ayizigidigidi eziyikhulu ayebukeka emnyama kuYe, lapho iziNgelosi zibukeka zingcolile emehlwani aKhe. Lowo nguJehova. Wayese-ke eba yingane encane, phezu kwenkumbi yomquba, emkhombeni. Lowo kusenguye uJehova. Futhi nakho la Ekhona kulobibusuku. Ngomusa waKhe nangeGazi laKhe, Uhlanza iBandla laKhe futhi asibeke esimweni sokwemukela zonke lezi zibusiso Asikhokhela zona.

¹⁹⁹ Manje nakhu kumi umugqa wabantu. Angikaze ngibone namunye wabo empilweni, njengoba ngazi ngakho.

²⁰⁰ Manje, abanangi benu kade besemihlanganweni yami futhi bayazi ukuthi kuyini ukwahlukanisa umoya. Nonke niyakwazi lokho. Anikwazi na? Siyakwazi lokho. Ngibe nakho ngokuphindaphindiwe, futhi ngokuphindaphindiwe. Leso yisiphiwo. Lokho akuwenzi uMoya oNgcwele okimi ube mkhulu kunanoma yimuphi omunye. Leso yisiphiwo nje, ukusebenza noMoya oNgcwele. Niyabo?

²⁰¹ Akunandaba noma ngumama wekhaya omncane, noma umfana omncane, noma isidakwa laphaya esisanda kusindiswa futhi sagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, unoMoya oNgcwele ofanayo ukuthi nanoma ubani wethu unawo. Yebo. Kodwa uNkulunkulu unlikeza iziphiwo, ngaloMoya oNgcwele, ukuba zisebenze. Kuyisiqinisekiso, ukuphakamisa ibhanelia. Ubani, umshumayeli na? Qha. Ukuphakamisa uKristu.

²⁰² Manje, angazi ukuthi kwenzekale noma yini. Lapho ngisengumfanyana . . . Niyayazi indaba yami. Ngisanda

kukhulekela abantu. Ayikho into engiyenzayo ngaphandle kokuhuleka, ngibeke izandla kubo, bazophila. Niyabo? Pho bengingenzani na? Hhayi mina kuphela ngikhuleka, kodwa bheka abanye bayakhuleka. Wonke umuntu uyakhuleka. Niyabo? Futhi, nje, ngiyakukholwa. Yilokho kuphela engikwaziyo ukukwenza. Ngiyakukholwa.

²⁰³ Manje, angifundile, anginayo imfundo. Futhi ngicabanga ukuthi iNkosi ivele yanginika isiphiwo esincane ukusebenza ngaso. Futhi—futhi manje, ngenkathi uJesu ethi, ngenkathi Wayeselapha emhlabeni, izinto Azenzayo, siyozenza futhi. Futhi uma kunjalo...

²⁰⁴ Futhi Wayeyibhaneli likaNkulunkulu, ngokwenza lokho: ngokwazi ukutshela uFiliphu ukuthi wayekuphi; tshele owesifazane ngomopho wakhe, nokunye-okunye; na—nalapho uhlamvu lwemali lwalukhona, emlonyeni wenhanzi; noma into efana naleyo, okuthize; ukuthi, owesifazane, ukuthi wayephila ngokuphinga, kumbe noma yini enjalo. Leso impela kwakuyisiqiniseko sokuthi WayenguMesiya.

²⁰⁵ Manje bheka lowomJuda oqinile, uFiliphu, lapho uFiliphu noma...Kwafika uNathanayeli. UNathanayeli wayeyisifundiswa, ogcina umthetho ngempela. Futhi ngenkathi ebona uJesu, akakwazanga neze ukuMkholwa. Futhi Wathi, “Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye.”

Wathi, “Ungaze nini, Nkosi na?”

Wathi, “Ngaphambi kokuthi uFiliphu akubize.”

Wathi, “Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi ka-Israyeli.”

Owesifazane emthonjeni wathi, “Anginandoda.”

Wathi, “Yebo, ubunamahlanu.”

²⁰⁶ Wathi, “Siyazi, uma uMesiya efika, Uzositshela lezozinto. Kodwa ungubani Wena na?”

Wathi, “NginguYe.”

“Siyazi ukuthi lokho kuzoba ibhaneli.”

²⁰⁷ Futhi uma uJesu Kristu elibhaneli elifanayo izolo, namuhla, naphakade, Uzokwenza into efanayo uma Engakwazi ukubamba inhlizyo yomuntu. Ngabe kunjalo na?

²⁰⁸ Manje, lelinenekazi elimi lapha, angilazi, angikaze ngilibone. Siyizihambi komunye nomunye. Asiyizo na? Kunjalo. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa na? Uyazi ukuthi kulungile noma qha, angeke wena na? Ungakwemukela ukuphiliswa kwakho khona-ke na? Isemhlane wakho. Isiqediwe. Uphulukisiwe. Kukanjalo-ke...?...Manje hamba, futhi uNkulunkulu akubusise. Hamba.

²⁰⁹ [Udade uthi, “Khulekela indodana yami.”—Umhl.] Niyabo? UNkulunkulu akubusise. [“Uyena onomdlavuza

kokwakhe...?...”] Uma uzokholwa, yonke inhliziyo yakho. Yebo. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyabo? Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi. Kholwa.

²¹⁰ Manje uyabona ukuthi kulula kangakanani. Manje, uma nje sikhuleka... Manje, niyabo, Uyazi ukuthi yini, nonke, okungalungile ngani. Uyakukholwa lokho, awukukholwa na? Uyazi ukuthi lokho kunjalo. Manje, uma nje ngithatha lelinenekazi lapha, futhi ngithi angizukusho lutho ngakho, kodwa ngikhuleka nje futhi ngibeke izandla phezu kwakho, uyakholwa ukuthi uzophulukiswa na? Uyakholwa ukuthi uzophulukiswa na? Kulungile. Khothamisa ikhanda lakho, umzuzwana nje.

²¹¹ Baba waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa udadewethu. Kwangathi angahamba manje. Sibona ibhanela liphakanyiselwe phezulu. Siyazi ukuthi Uyodonsa bonke. Ngibeka izandla phezu kukadadewethu, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphiliswa kwakhe. Amen.

Ungangabazi. Kholwa nje ngenhliziyo yakho yonke.

²¹² Ngithi, uma bengingeke ngisho into eyodwa, ngikukhulekele nje, ubuyolokhu ukukholwa. Ubungeke na? Ubuyokukholwa, noma kanjani. Kodwa uma ngikutshela, bekungakusiza na? Inkathazo yakho yenhliziyo. Kunjalo. Qhubeka.

²¹³ Kungakusiza yini uma ngingakutshela ukuthi yini ebingalungile ngawe na? Qhabo, wena—wena awazi ukuthi bekungakusiza noma qha. Awu, mhlasiimbe ngizokukhulekela nje.

²¹⁴ Baba waseZulwini, ngiyakhuleka ukuthi Uzosiza owesifazane. Mnike ukukholwa namandla, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Kholwa manje ngayo yonke inhliziyo yakho.

²¹⁵ Ucabangani, dade na? Ngiyisihambi kuwe. Uma uJesu engangitshela ukuthi yini engalungile ngawe... [Udade uthi, “Awusona.”—Umhl.] Angisona na? Uyangazi, manje na? [“Qhabo. Ngikubone ngenkathi uqala ukufika.”] Wangibona ngenkathi ngiqala ukufika. Kuhle lokho. [“Okokuqala.”] Ngiqonde ukuthi, angikwazi. [“Okokuqala, nokho.”] Okokuqala na? [“Yebo. Wangikhulekela.”] Cishe eminyakeni eyishumi nanhlanu edlule. [“Yebo. Kuthi akube yishumi nanhlanu nje.”] Eminyakeni eyishumi nanhlanu edlule. He, sekube yisikhathi eside. [“Yebo, kube yiso.”] Izinto eziningi—ziningi zenzekile kusukela ngaleyonkathi. [“Yebo, kuye kwenzeka.”] Awu, kuyomele uhlinzwe. [“Yebo.”] Kodwa uma uzomkholwa uKristu, leso simila sizokushiya, futhi angeke udinge ukuba uhlinzwe. [“Amen.”] Uyakukholwa na? [“Yebo, mnumzane. Ngiyakhola.”] Hamba-ke, ukukholwe.

²¹⁶ Sawubona? [Udade uthi, “Uke wangibona ngaphambili.”—Umhl.] Ngikubonile. Kodwa uyakholwa, uma ngicela uNkulunkulu, Uzokuphulukisa na?

²¹⁷ Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa futhi umsindise, Baba. Ngibeka izandla phezu kwakhe, eGameni likaJesu. Amen.

²¹⁸ Uma wena...[Udade uthi, “Yimizwa yami. Yi....?”—Umhl.] E-hhe. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi wena—wena....Kulungile.

Woza ngaphambili ngqo, dade.

²¹⁹ Manje, niyabo, angikwazi ukuphulukisa abantu. Futhi uNkulunkulu angeke abaphulukise abantu ngaphandle uma bekholwa ukuthi uKristu usekwenzile kakade. Futhi manje wena uyasho...Ngishumayele kulobibusuku ngento ongabeka izandla zakho kuyo. Uzothi, “Nakhu.”

²²⁰ Manje, niyabo, ukuba uJesu wayemi lapha qobo lwaKhe, egqoke lesudi ukuthi Wakubeka enhliziyeni kaMfowethu Williams ukuba angiphe...Kodwa, Yena, ukuba Yena—ukuba Yena ubemi lapha egqoke lesudi...Niyazi, ngikholwa ukuthi wayinika iNkosi ngenkathi enza lokho?

²²¹ Bangaki abake bafunda impilo kaMartin oNgcwele na? Wayengumhedeni, futhi wayeyisisha. Uyise wayefuna abe yisisha. Futhi wayengafuni ukuba yilo. Yena, into ethize embizayo, ngoNkulunkulu.

²²² Futhi ngobunye ubusuku, edlula ezansi, ubusuku basebusika obubandayo ngempela, kwakukhona esidala, isinxibi esimpofu silele emgwaqeni, sibulawa amakhaza. Futhi kwadlula abantu ababengasisiza. Abazange bakwenze. UMartin wayenikele ngakho konke ayenakho. Ngakho-ke wathi, “Yinye kuphela into ongayenza. Nginejazi elilodwa.” Ngakho-ke wavele wathatha inkemba yakhe, wasika ijazi ingxenye, laba kibili, wasonga isinxibi ngalo, kanjalo, futhi waqhubeke nenye ingxenye.

²²³ Abantu bamhleka, bathi, “Yeka ukungazi! Ngabe akalona isosha elibukeka kahle manje, eligqoke ingxenye yejazi na?” Akazange anake, waqhubeka, ngoba wayazi ukuthi kwakuyilokho ayefanele akwenze.

²²⁴ Ngalobo busuku ekamu, wavuka. Futhi lapho esevukile, wabona uJesu emi lapho, ezisonge ngaleso siqephу sejazi ayesonge ngalo isinxibi.

²²⁵ Futhi Waqalaza eziNgelosini. Wathi, “Niyazi ukuthi ubani oNgisonge ngulokhu na?”

Zathi, “Qhabo.”

Wathi, “UMartin ukwenzile.”

²²⁶ Nakho la ukhona. Uba ngongcwelle, ekhulumu ngezilimi, futhi ekhipha amademoni, ebona imibono, umprofethi

kaNkulunkulu onamandla. Yebo, mnumzane. Kungani na? Ngenkathi esonga lesosinxibi esidala emgwaqeni, wasonga uJesu Kristu. “Njengoba nikwenzile kwabancane balaba abancinyane baMi, nikwenzile nakiMi.”

²²⁷ Futhi ukuze niqiniseke ukuthi nisongwa ekulungeni kukaKristu, ngizama ukunitshela kulobubusuku. Ukuba benginamandla okuniphulukisa, benginganiphulukisa nonke. Niyabo? Kodwa ngizama ukunikhombisa ngesiphiwo, salokho engakushumayela, ukuthi uNkulunkulu ukuqinisekisa ukuthi kunjalo, niyabo, ukuthi angikwazi ukuphulukisa abantu, kodwa ukunazisa ukuthi Ulapha.

²²⁸ Niyakukholwa lokho, nenekazi na? Khona-ke isifo sakho samathambo sizokushiya. Uyakholwa ukuthi kuzokwenzenka na? Khona-ke hamba endleleni yakho futhi umemeze, futhi uthi, “Mayibongwe iNkosi. Ngikholwa ngenhliziyo yami yonke.”

²²⁹ Lokho kwakuyinto ehlekisayo engiyishilo, “isifo samathambo,” kuye, futhi ube nento efanayo. Yiba ulokhu uqhube ka nje, uthi, “Ngikholwa ngenhliziyo yami yonke,” futhi nje uhambe. Kuzakwenziwa.

²³⁰ Manje uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosiphulukisa isisu sakho, futhi uye ekhaya futhi udle njengoba ubufanele na? Khona-ke qhubekela phambili ngqo ekhaya futhi udle njengoba ubufanele.

²³¹ Kholwa manje. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? “Uma Ngi—uma Ngiphakanyiswa emhlabeni, Ngiyodonsela bonke abantu kiMi.”

²³² Manje, niyakholwa ukuthi uMoya oNgeweule ulapha na? Uma nje ngibeka izandla phezu kwakho, u—ubuyophulukiswa na?

EGameni likaJesu, kwangathi angaphulukiswa.

²³³ “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo eGameni laMi.” Manje, kholwani nje manje njengoba nidlula.

Woza ngaphambili ngqo, dade.

EGameni likaJesu Kristu!

²³⁴ Wonke umuntu akhuleke manje. Niyabo, eminingi kakhulu yaleyomibono iyangihlakaza, niyabo. Niyabo?

EGameni likaJesu, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa udadewethu.

²³⁵ Ngikubonile uphakamisa isandla sakho lapho, ukuthi uyakholwa. Kholwa manje.

EGameni likaJesu Kristu, ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa.

Woza, dade.

²³⁶ Baba Nkulunkulu, akukho engikulethayo ezingalweni zami. Ngibambelela kalula nje esiphambanweni saKho. Ngicela ukuphiliswa kwakhe, eGameni likaJesu. Amen.

²³⁷ Nkulunkulu Baba, eGameni likaJesu Kristu, sengathi udadewethu angaphulukiswa. Amen.

Woza, mfowethu othandekayo.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi umfowethu angaphulukiswa.

²³⁸ Uyakhola ukuthi uNkulunkulu uzomphulukisa futhi amsindise na?

EGameni likaJesu Kristu, sengathi lomntwana angaphulukiswa.

Manje bhekisisani nje, njengoba kade ekhulekelwa manje.

EGameni likaJesu Kristu, sengathi udadewethu angaphulukiswa.

EGameni leNkosi uJesu, sengathi udadewethu angaphulukiswa.

EGameni leNkosi uJesu, sengathi udadewethu angaphulukiswa.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi umfowethu angaphulukiswa.

EGameni likaJesu Kristu, sengathi udadewethu angaphulukiswa.

Manje, qhubekani emkhulekweni, wonke umuntu, nithule ngempela, emkhulekweni.

EGameni likaJesu Kristu, sengathi udadewethu angaphulukiswa.

O Nkulunkulu, buyisela kulentombazanyana lokho uSathane akuthathile.

Phuma kuye, Sathane! . . . ? . . .

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi umfowethu angaphulukiswa.

EGameni likaJesu Kristu, sengathi udadewethu angaphulukiswa.

EGameni likaJesu Kristu, sengathi udadewethu angaphulukiswa.

EGameni likaJesu Kristu, sengathi udadewethu angaphulukiswa.

EGameni leNkosi uJesu, sengathi udadewethu . . . ? . . .

EGameni leNkosi uJesu, sengathi udadewethu . . . ? . . .

EGameni likaJesu Kristu, sengathi owethu . . . ? . . .

²³⁹ Manje, ezethamelini, wonke umuntu. Ngiyazi akakaze abe namakhadi omkhuleko enele phandle lapho. Ngifuna ukhothamise ikhanda lakho, umzuzwana nje. Ngifuna ukukubuza umbuzo.

²⁴⁰ Eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule kwakukhona uMuntu. Izinkulungwane ezine, ya, cishe eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu edlule, kwakukhona u...UNkulunkulu wehla, emelwe kuMuntu, futhi futhi wahlala e—isihlahla som-okhi sika-Abrahama. Waphendulela umhlane waKhe odongeni, noma etendeni, watshela uSara ukuthi yayiyini inkathazo, ngaphakathi. UJesu wathi, “Njengoba kwakunjalo ngalolosuku, kuyoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.”

²⁴¹ UJesu wayeyibhaneli likaNkulunkulu. “Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza.” Siyakubona. Kuyiqiniso, ngaphandle kokungabaza.

²⁴² Manje, isizathu sokuthi ngingaqhubekelanga phambili, ngninemihlangano eminingi kakhulu. Ngizobuyela ePhoenix ngolunye usuku, nomhlangano omkhulu, iNKosi ithanda.

²⁴³ Manje, kini lapha kulobubusuku ogulayo nosweleyo, futhi ongalitholanga ikhadi lomkhuleko, ukuba eze e-altare, phezulu lapha ukuba akhulekelwe, ngizonikhulekela manje. Ngifuna nibe nenhlonipho yokuzithoba ngempela.

²⁴⁴ Ngifuna ngamunye wenu makholwa nibeke izandla zenu phezu komunye nomunye, njenge—njengesibonakaliso. Manje, iBhayibheli lathi, manje, lo Nkulunkulu ofanayo owenza lesithembiso, washo lokhu, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.” Noma yiliphi ikholwa, noma yiliphi ikholwa elinoMoya oNgcwele, unamandla kaNkulunkulu ngaphakathi kuwe, noma igunya, ukukhuleka umkhuleko wokukholwa. Ngifuna ukhuleke ngenkathi ngisakhulekela lababantu.

²⁴⁵ Baba wethu waseZulwini, siyajabula kulobubusuku. Shumayela iZwi, bese-ke ubona uNkulunkulu ehla futhi eqinisekisa iZwi, khona-ke lokho yi—lokho yibhaneli Wena owalethembisa.

²⁴⁶ Ngolunye usuku, esikhathini eside esedlule, kwakukhona umfana omncane ogama lakhe linguDavide. Wayenakekela izimvu zikayise. Wanikezwa umyalo wokuqapha lezi zimvu, ukuvimba isitha kuzo. Wayenokuncane kakhulu okokuzivikela ngakho, indwayimane encane nje. Kodwa ngolunye usuku kwafika ingonyama ekamu, futhi yakhipha elinye lamawundlu. UDavide, engumalusi weqiniso, wayefuna ukubamba leyo mvu kababa. Wayazi ukuthi ingonyama yayintshontsha leyo mvu, futhi yayizoyishwabadela imvu, futhi imvu ngekayise. Walandela ingonyama ngesibindi. Wajikijela itshe elincane,

futhi lashaya ingonyama yawa phansi. Futhi wabulala ingonyama, futhi wabuyisela imvu esibayeni.

²⁴⁷ Manje, Nkulunkulu, singabelusi bezimvu baKho. Asiwona amadoda okuhlinza ngommese noma o—okwelapha imithi. Sinento encane ethobekile kakhulu, indwayimane. Kodwa yilokho Okufake esandleni sethu, indwayimane yomkhuleko. Isitha singenile futhi sabamba imvu kaNkulunkulu. Ibambe obaba, omama, nabantwana, ihudula manje idabula emahlathini; imiqondo ebophekile, nezimpumpumputhe, nodliwe umdlavuza, nodeveli.

²⁴⁸ Sathane, lendwayimane yomkhuleko encane ibonakala ilula kakhulu, kodwa ngiyazi ukuthi izokwenzani. Ngilandela leyomvu kulobubusuku, ukuyibuyisa. Phuma. Myeke. Phuma kulowo muntu, wena moyo omubi wokugula, futhi umshiye. Ngiyakuyala, eGameni likaJesu Kristu, hamba, futhi ungasaphinde ubuye kubo. Sengathi uNkulunkulu waseZulwini angakukhuza, Sathane.

²⁴⁹ UJesu waseNazaretha wathi, “Uma uthi kule ntaba, ‘Nqukuleka,’ futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa kholwa lokho okushilo, uyakuba nakho lokho okushilo.” Ngakho-ke, eGameni likaJesu Kristu, ngikhuluma ukukhululwa kuwo wonke omuntu lapha. Nge- . . .

²⁵⁰ Sathane, ungase uthi asinalo igunya lokwenza lokhu. Siphakamisela kuwe iBhanela kulobubusuku, uJesu Kristu. UMoya oNgcwele ulapha, efakazisa ukuthi leli iBhanela likaNkulunkulu, futhi uhluliwe empini. Phuma, eGameni likaJesu Kristu.



IBHANELA ZUL62-0119
(An Ensign)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesihlanu kusihlwa, ngoJanuwari 19, 1962, eJesus Name Church ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwu ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwu futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2022 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziiselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org